**“izingqapheli zokhetho”** kushiwo izisebenzi noma izinhlaka okusetshenziswana nazo eziqokwe emathimbeni esiFundazwe noma esiFunda engamele ukhetho ezigunyazwe yiNhloko yoMnyango ukuba zibe yizingqapheli, abaphathi noma abengameli bokhetho lweziGungu zezikole.

**“ibhokisi lokugcina amavoti elisebenza ngobuchwepheshe besimanje”** kushiwo indlela esebenza ngobuchwepheshe yokugcina amavoti ngemuva kokuthi abavoti sebevotile ngesikhathi kusalindwe ukubalwa kwawo;

**“umhlangano wokuqala”** kushiwo umhlangano obanjelwa ukuqokwa kwalabo abazoba sezikhundleni uma sekuqedliwe ukuqokwa kwamalungu esiGungu esiLawula isikole;

**“ilungelo lokuvota”** kushiwo ilungelo lokuvotela –

- (a) abazali esigabeni sabazali;
- (b) othisha esigabeni sothisha;
- (c) izisebenzi ezingebona othisha esigabeni sezisebenzi ezingebona othisha; noma
- (d) amalungu omkhandlu omele abafundi esigabeni sabafundi;

**“iNhloko yoMnyango”** kushiwo iNhloko yoMnyango wezeMfundo esiFundazweni

**“ilungu”** kushiwo ilungu lesigungu esilawula isikole;

**“isiSebenzi esingeyena uthisha”** kushiwo umuntu oqashwe ngokoMthetho weziSebenzi zikaHulumeni, 1994 (uMthetho No. 103 ka 1994) noma ngokoMthetho weziKole waseNingizimu Afrika, 1996 (uMthetho No. 84 ka 1994) njengoba uchitshiyelwe, ongeyena uthisha futhi kuhlenganisa nanoma yimuphi umuntu oqashwe ngendlela egunyazwe uhulumeni osebenza esikoleni isikhathi esingengaphansi kwezinyanga eziyishumi nambili-(12);

**“iLungu Lesigungu Esphezulu”** kushiwo iLungu Lesigungu Esphezulu elingamele Ezemfundo eSifundazweni saKwaZulu-Natali

**“umzali”** kushiwo –

- (a) umzali noma umuntu okhulisa noma umuntu oqokwe ngokomthetho ukunakekela umfundi;
- (b) umuntu ngokomthetho ongunya lokukhulisa umfundi; noma
- (c) umuntu ozinikela ukufeza imisebenzi yomuntu oshiwo ngenhla ezigabeni (a) no (b) ekufundeni komfundi esikoleni;

**“impahla yokuzivikela (PPE)”** kushiwo impahla esetshenziselwa ukuvikela abantu egciwaneni le-Covid-19 nakunoma yiluphi olunye ubhubhane olufanayo;

**“POPIA”** kushiwo i-*Protection of Personal Information Act*, 2013 (uMthetho No. 4 ka 2013);

**“uthishanhloko”** kushiwo uthisha oqokwe noma obambe njengenhloko yesikole owengamele ukuphathwa nokulawulwa ngomthetho kwesikole;

**“isiKhulu soKhetho sesiFundazwe”** kushiwo isisebenzi esiyisikhulu ehhovisi lesiFundazwe esiqondene nokwenganyemelwa kanye nokulawulwa kokhetho esiFundazweni;

**“isikole sikhulumeni”** kushiwo isikole sikhulumeni sabafundi abanezidingo zemfundo ezikhethekileyo;

**“ukuvota ukude kusetshenziswa ezobuchwepheshe”** kushiwo uhlelo lokuvota olungenzeka esikoleni nakunoma iyiphi indawo lapho kuvotwa khona kusetshenziswa ezobuchwepheshe. Kungasetshenziswa ngaphandle kokusebenzisa amaphepha okuvota uma kuvotwa;

**“Umkhandlu wabafundi” (RCL)** kushiwo umkhandlu wabafundi owasungulwa ngokwesigaba 11 soMthetho;

**“isiKhulu Esengamele uKhetho lwesiKole”** kushiwo uthishanhloko wesikole, ibamba likathishanhloko noma isikhulu, abangaqashiwe kuleso sikole, abaqokwe yiNhlolo yoMnyango ukuqhuba ukhetho lweziGungu eziLawula Izikole;

**“umvoti”** kushiwo umzali esigabeni sabazali, uthisha esigabeni sothisha, isisebenzi esingeyena uthisha esigabeni sezisebenzi ezingebona othisha kanye nomfundi esigabeni somkhandlu omele abafundi.

### Ukubunjwa kweziGungu eziLawula iziKole zikaHulumeni

2. (1) IsiGungu esiLawula Isikole sakhiwa yila malungu alandelayo –
  - (a) amalungu akhethiwe;
  - (b) uthishanhloko ngokwesikhundla sakhe; kanye
  - (c) namalungu aqokiwe, noma lokho okungavumelana nesimo.
- (2) Amalungu akhethiwe esiGungu esiLawula isikole okubhekiswe kuwo ebinzaneni (1)(a) kuba yilawa alandelayo-
  - (a) abazali babafundi baleso sikole, esimweni lapho kunokwenzeka khona.
  - (b) othisha bakuleso sikole;
  - (c) isisebenzi esingeyena uthisha sakuleso sikole; kanye
  - (d) nabafundi bebanga lesishiyagalombili noma ngaphezulu bakuleso sikole abakhethwe eMkhandlwini Omele Abafundi, esimweni lapho kunokwenzeka khona.
- (3) Laba abalandelayo bayofaneleka ukuqokwa njengamalungu esiGungu esiLawula Isikole –
  - (a) Abamele isigungu noma izigungu zabaxhasi, uma zikhona;
  - (b) Abamele izinhlangano zabazali babafundi abanezidingo ezikhethekile, uma zikhona;
  - (c) Abamele izinhlangano zabantu abaphila nokukhubazeka; uma zikhona;
  - (d) umuntu ophila nokukhubazeka noma abantu abaqokwe abantu abaphila nokukhubazeka basemphakathini, uma bekhona;
  - (e) ungoti noma ongoti emikhakheni ethintekayo yezemfundo yabanezidingo ezikhethekile.
- (4) Isibalo samalungu aqokiwe singaba ngesanoma yisiphi esinye isigaba kuncike ezimweni nasezidingweni zesikole, naphezu kwalokho isibalo samalungu aqokiwe akumele seqe emalungwini amahlanu (5).
- (5) Isibalo samalungu angabazali, awothisha, ayizisebenzi ezingebona othisha kanye namalungu abafundi esigungu esilawula isikole kumele sihambisane nezimiso ze Sheduli A yalesi saziso, kuncike ohlotsheni nasesigabeni leso sikole esithintekayo esikusona.
- (6) Ngaphambi kwanoma yimuphi umhlangano wonyaka wokuqokwa kwabazongena ezikhundleni, isigungu esilawula isikole kumele siqume ukuthi isibalo sabafundi abemukeliwe sehlile noma senyukile njengoba kushiwo kuSheduli A, bese kuthi uma –

- (a) isibalo sabafundi abemukeliwe sinyukile okuholetsa ekutheni kuvele esinye isikhala esigungwini esilawula isikole, lesi sikhala kumele simenyezwe kuphela uma isibalo sabafundi abemukeliwe sinyuke ngamaphesenti ayishumi-(10%) noma ngaphezulu; futhi
- (b) (i) isibalo sabafundi abemukeliwe sehle ngamaphesenti-(10%) noma ngaphezulu futhi lokho kwehla kudinga ukuthi uthisha oyedwa noma othisha abangaphezu koyedwa noma umfundi oyedwa noma abangaphezu koyedwa abasemkhandlwini omele abafundi bashiye ezikhundleni zabo esigungwini esilawula isikole, uthisha (noma othisha, njengoba kungaba njalo) kanye nomfundi (noma nabafundi njengoba kungaba njalo) osemkhandlwini noma abasemkhandlwini omele abafundi othole noma abathole amavoti amancane uyoshiya noma bayoshiya esikhundleni; noma
- (ii) uma amalungu ayeqokwe ngendlela efanele lapho kungavotwanga khona, uhlangothi oluthinteka ngenxa yokwehla kwesibalo sabafundi abemukeliwe kumele bavote ngokuyimfihlo ukuthi ubani ozoshiya esikhundleni sesigungu esilawula isikole.
- (7) Ukwenyuka nokwehla kwesibalo sabafundi abemukeliwe kuyoholela ekutheni isikhala esigabeni sabazali noma ilungu esigabeni sabazali lishiye esikhundleni sesigungu esilawula isikole.

### Isikhathi Sokusebenza Kwesigungu Esilawula Isikole

3. (1) Isigungu esilawula isikole siqokelwa isikhathi esiyiminyaka emithathu (3) ngaphandle uma iLungu Lesigungu Esiphezulu likhipha umyalelo owehlukile
- (2) iLungu Lesigungu Esiphezulu liyonquma isikhathi sokusebenza kwezigungu ezilawula izikole kuzo zonke izikole.
- (3) Uma isigungu esilawula isikole –
- (a) sinezinyanga eziyisithupha (6) noma ngaphansi ezisele ngaphambi kokuthi kuphele isikhathi saso sokuba sesikhundleni, iLungu Lesigungu Esiphezulu, ngezizathu ezizwakalayo yize kunqunywe lesi sikhathi, lingayalela ukuthi ukhetho lubanjwe ngosuku ayolunquma; noma
- (b) sinezinyanga ezingaphezu kweziyisithupha (6) ngaphambi kokuthi kuphele isikhathi saso sokuba sesikhundleni, iLungu Lesigungu Esiphezulu noma umuntu ogunyazwe nguye, ngemva kokubonisana naleso sigungu esilawula isikole esithintekayo, anganquma usuku okumele kubanjwe ngalo ukhetho yize kusenesikhathi esisasele sokuthi sibe sesikhundleni.
- (4) Wonke amalungu aqokwe ngokwebinza 2(2) no 3(3), ngaphandle kwabafundi abaqokwe emkhandlwini omele abafundi ngokwesigaba somthetho 2(2)(d) aqokelwa ukusebenza isikhathi esiyiminyaka emithathu (3).
- (5) Isikhathi sokuba sesikhundleni selungu lesigungu esilawula isikole elingumfundi eliqokwe ngokwesigaba somthetho 2(2)(d) siwunyaka owodwa (1).
- (6) Ngokwebinzana 3(3), ilungu lesigungu esilawula isikole liba kuleso sikhundla kuze kuphele isikhathi sokusebenza kwesigungu esilawula isikole noma ilungu selishonile noma lingasafanelekile ukuba yilungu lesigungu esilawula isikole.
- (7) Uma iNhloko yoMnyango inquma ngezizathu ezizwakalayo ukuthi isigungu esilawula isikole sesiyekile ukwenza umsebenzi ebesijutshelwe wona ngokoMthetho, ingayihoxisa imisebenzi yaso bese –

- (a) iqoka abantu abenele ukuba benze owodwa noma ngaphezulu waleyo misebenzi yesigungu esilawula isikole kuleso sikhathi esingeqile ezinyangeni ezintathu (3);
  - (b) ingelula isikhathi okukhulunywe ngaso ebinzaneni 7(a) isikhathi esingeqile ezinyangeni ezintathu isikhawu ngasinye kodwa lesi sikhathi singeqi onyakeni owodwa (1) uma sesihlanganisiwe; futhi
  - (c) kumele iqinisekise ukuthi isigungu esilawula isikole sikhethwa ungakapheli unyaka ngemuva kokuqokwa kwabantu abashiwo ebinzaneni 7(a).
- (8) Kuncike kubinzana 5, ilungu lesigungu esilawula isikole lingaphinde liqokwe noma lengezwe, njengoba kungaba njalo, uma sekuphele isikhathi salo sokuba sesikhundleni.

#### **Ubulungu Esigungwini Esilawula Isikole**

##### **4. (1) Isigungu esilawula isikole sakhiwa yila malungu alandelayo –**

- (a) abazali babafundi abafunda esikoleni okuqokwa kusona isigungu esilawula isikole, esinomzali oyedwa ngaphezulu kwesibalo esiphelele samalungu anelungelo lokuvota esehlangene okukhulunywe ngawo ebinzaneni (1)(b), (c), (d), esimweni lapho kungenzeka khona;
  - (b) uthisha noma othisha, kuye ngesibalo sabafundi abamukeliwe esikoleni njengalokhu kuchaziwe kuShedili A olapha;
  - (c) isisebenzi esisodwa esingeyena uthisha esiqashiwe esikoleni okukhethwa kusona isigungu esilawula isikole;
  - (d) abafundi, esimweni lapho kunokwenzeka khona, abaqokwa amalungu omkhandlu omele abafundi, uma ukhona, esikoleni esinebanga lesishiyagalombili noma elingaphezulu, isibalo sabafundi abayoqokwa siyonqunywa ngokuhambisana neSheduli A;
  - (e) uthishanhloko, omele iNhlolo yoMnyango esikoleni ngokwesikhundla sakhe;
  - (f) ilungu elimele isigungu noma amalungu amele izigungu ezixhasa isikole ngezimali, uma zikhona;
  - (g) ilungu elimele inhlangano noma amalungu amele izinhlangano zabazali babafundi abanezidingo ezikhethekile, uma zikhona;
  - (h) ilungu elimele inhlangano noma amalungu amele izinhlangano zabantu abaphila nokukhubazeka; uma zikhona;
  - (i) ilungu elimele noma amalungu amele abantu abaphila nokukhubazeka basemphakathini, uma bekhona; kanye
  - (j) nelungu elimele noma amalungu amele ongoti emikhakheni efanele yezemfundo yabanezidingo ezikhethekile.
- (2) Isigungu esilawula isikole sikhulumeni esakhiwe endaweni okungeyona ekahulumeni singengeza, umnikazi waleyo ndawo esetshenziswa yisikole noma umuntu oqokwe yilowo mnikazi, ngaphandle kokuthi abe nelungelo lokuvota.

#### **Ukufaneleka Ukuba Yilungu Lesigungu Esilawula Isikole**

##### **5. (1) Umuntu ngeke afaneleke ukuba yilungu lesigungu esilawula isikole uma –**

- (a) engaphilile ngokomqondo ngokusho kwenkantolo efanele;
- (b) ecwile ezikweletini engasenakuhlengeka;



- (c) etholakale enecala futhi wagwetshwa yinkantolo ukuthi aboshwe ngokomthetho waseNingizimu Afrika noma wakwelinye izwe, ngaphandle kokunikwa ithuba lokuthi akhokhe inhlawulo, isikhathi esiyizinyanga eziyisithupha (6) ngaphandle uma sekwaphela iminyaka emithathu (3) adonsa leso sigwebo sokuboshwa ngaphambi kokuthi aqokwe;
- (d) kwakhishwa umyalelo wokuthi ungumuntu ongafanelekile ukusebenza nezingane ngokoMthetho weziNgane, 2005 (uMthetho No. 38 ka 2005), njengoba uchitshiyelwe noma ngokoMthetho wamaCala aPhathelene nezoCansi nokunye okuHambisana Nalokho, 2007 (uMthetho No. 32 ka 2007);
- (e) azise isikhulu soKhethe sesiKole ukuthi igama lakhe lisohlwini lweRejista yokuVikela iziNgane kaZwelonke njengoba kushiwo eMthethweni weziNgane, 2005 (uMthetho No. 38 ka 2005), njengoba uchitshiyelwe noma uma lokho kufike ezindlebeni zesiKhulu soKhethe sesiKole kwase kwaqinisekiswa;
- (f) engasangeni esigabeni samalungu abewamele ngesikhathi eqokwa;
- (g) kuwuthisha, etholakale enecala lokungaziphathi ngendlela efanele wabe esethola isigwebo –
- (i) senhlawulo;
  - (ii) sokumiswa okwesikhashana emsebenzini engaholi;
  - (iii) sokwehliswa esikhundleni (uma eqashwe ngokoMthetho wokuQashwa koThisha, 1996 (uMthetho No. 84 ka 1996);
- (h) kuyisisebenzi esingeyena uthisha, esitholakale sinecala lokungaziphathi ngendlela efanele sabe sesithola isigwebo –
- (i) senhlawulo;
  - (ii) sokumiswa okwesikhashana emsebenzi singaholi;
  - (iii) sokwehliswa esikhundleni (uma siqashwe ngokoMthetho weziSebenzi zikaHulumeni, 1994 (uMthetho No. 103 ka 1994);
  - (iv) exoshwe yiNhloko yoMnyango njengelungu ngokwebinza 18A nanoma yimuphi omunye umthetho osebenzayo.
- (2) Umzali oqashwe esikoleni njengothisha noma njengesisebenzi esingeyena uthisha akakwazi ukumela abazali esigungwini esilawula isikole.
- (3) Uthishanhloko kumele –
- (a) ngaso sonke isikhathi aqinisekise ukuthi isigungu esilawula isikole sibunjwe ngendlela efanele ngokwalesi saziso;
  - (b) ngokubhalwe phansi, ezinsukwini ezinhlanu ethole ulwazi ukuthi ilungu alifanelekile, azise uMphathiweSekethe ngalelo lungu elingasafanelekile ukuba yilungu lesigungu esilawula isikole;
- (4) Ilungu lesigungu esilawula isikole kumele lazise uthishanhloko ngokungafaneleki kwalo ukuba yilungu ngokushesha uma selazi.
- (5) Uma ethola ulwazi ngokwebinzana (3) no (4) ngenhla, uMphathi weSekethe wesikole esithintekayo, kumele ngokubhalwe phansi ezinsukwini ezinhlanu (5) ethole lolo lwazi, azise isikhulu soKhethe sesiFunda mayelana nelungu elingasafanelekile ukuba yilungu lesigungu esilawula isikole.
- (6) Isikhulu soKhethe sesiFunda kumele –

- (a) ezinsukwini ezinhlanu (5) sithole ulwazi olushiwo ebinzaneni (5) siqinisekise lolo lwazi;
- (b) uma ulwazi seluqinisekisiwe, sazise ilungu ngokubhalwe phansi ukuthi alisafanelekile ukuba yilungu lesigungu esilawula isikole; futhi
- (c) siqinisekise ukuthi liyaphuma esihlalweni.

#### **Ukuqokwa kwesikhulu esengamele uKhetho lwesiFundazwe**

6. (1) INhloko yoMnyango kumele iqoke isikhulu esengamele uKhetho lwesiFundazwe neSekela lesikhulu esengamele uKhetho lwesiFundazwe ngokubhalwe phansi.
- (2) Isikhulu esengamele uKhetho lwesiFundazwe kumele –
- (a) siqinisekise ukuthi iSaziso sesiFundazwe sishicilelwa ngesikhathi;
  - (b) siqinisekise ukuthi ukhetho lukhangiswa ngokwanele;
  - (c) siqoke isikhulu esisodwa noma ngaphezulu esisebenzela umnyango ukuze sisize ngokhetho njengomsizi noma njengabasizi besiKhulu esengamele uKhetho lwesiFundazwe;
  - (d) siqinisekise ukuthi kulandelwa umthetho nenqubo efanele maqondana nokhetho;
  - (e) sihlele izinsiza zokuqhuba ukhetho lezigungu ezilawula izikole ngempumelelo nangendlela enobulungiswa;
  - (f) siqinisekise ukuthi izinsiza kanye nenqubo yokuqeqeshwa kweziKhulu ezingamele uKhetho lweziFunda noma lwesiFundazwe nokuthi amathimba ami ngomumo futhi nezinhlelo zokuqeqeshwa ziqhutshwa njengoba kuhleliwe;
  - (g) sihlanganisa futhi sihlizeka yonke imibhalo edingekayo ngokhetho;
  - (h) sixazulula konke ukungaboni ngaso linye okuphathelele nokhetho okungaxazululeki ezingeni lesikole noma lesifunda;
  - (i) sihlanganise isheduli yokhetho yazo zonke izikole zesiFundazwe;
  - (j) siqaphe bese sihlale indlela ukhetho oluqhutshwe ngayo;
  - (k) sihlanganise uhlu lwezigungu ezilawula izikole esiFundazweni uma sezikhethiwe;
  - (l) senze uphenyo njengoba siyalelwe yiNhloko yoMnyango; futhi
  - (m) siqaphe ukuqeqeshwa kwamalungu amasha ezigungu ezilawula izikole.
- (3) ISekela lesikhulu esengamele uKhetho lwesiFundazwe noMsizi wesiKhulu esengamele uKhetho lwesiFundazwe basiza isikhulu esengamele uKhetho lwesiFundazwe ekwenzeni imisebenzi yaso.

#### **Ukuqokwa kweziKhulu ezengamele uKhetho lweziFunda**

7. (1) INhloko yoMnyango kumele iqoke isikhulu esengamele uKhetho lwesiFunda, iSekela lesikhulu esengamele uKhetho lwesiFunda kanye noMsizi wesiKhulu esengamele uKhetho lwesiFunda ngokubhalwe phansi.
- (2) Isikhulu esengamele uKhetho lwesiFunda kumele –
- (a) siqoke isikhulu esisodwa noma ngaphezulu esisebenzela uMnyango ukuze sisize ngokhetho njengomsizi noma njengabasizi besiKhulu esengamele uKhetho lwesiFunda;
  - (b) sihlele konke okumaqondana nokhetho lwesiFunda;
  - (c) sengamela ukuqokwa kweziKhulu ezengamele uKhetho eziKoleni;
  - (d) siqinisekise ukulandelwa kwenqubo yokhetho;
  - (e) siluleke iziKhulu ezengamele uKhetho eziKoleni ngohlelo oluhlongozwayo kanye nokuqaliswa kokhetho esiFundeni futhi siqinisekise ukuthi uhlelo luqhutshwa ngendlela okuvunyelwenwe ngayo;
  - (f) sakhe uhlelo lokusingatha ukusebenza kweSaziso sesiFundazwe;

- (g) siqinisekise ukuthi isikole ngasinye sinesikhulu esengamele ukhetho ngokuhambisana neSaziso sesiFundazwe nokuthi amathimba okhetho ezikole ayasungulwa;
  - (h) siqinisekise ukuthi zonke izikhulu zokhetho ezisebenza ezikoleni ziqeqeshwe ngokwanele futhi ziyawuqonda umsebenzi wazo neqhaza okumele zilibambe;
  - (i) siqinisekise ukuthi zonke izikhulu zokhetho zithola isaziso sokhetho sesiFundazwe kanye neminye imibhalo ngesikhathi;
  - (j) siqinisekise ukuthi ukhetho lukhangiswa ngokwanele ;
  - (k) siqinisekise ukuthi ukuqhutshwa kokhetho kuqashiwe;
  - (l) siqinisekise ukuthi amagama kanye neminingwane yokuxhumana yabaqokelwe ezigungwini ezilawula izikole kugcwaliswe emafomini afanele futhi athunyelwa ngothishanhloko ehhovisi lesiFunda zingakapheli izinsuku eziyisikhombisa (7) kubanjwe ukhetho;
  - (m) siqinisekise ukuthi iFomu leMininingwane (data form) liyatholakala kuthishanhloko wesikole futhi lithunyelwa ehhovisi lesiFunda zingakapheli izinsuku eziyisikhombisa (7) kubanjwe umhlangano wokuqala okukhethwa kuwona abasezikhundleni;
  - (n) sixazulule ukungaboni ngaso linye okuphathelene nezinqumo ezingaxazululwanga ezingeni lezikole;
  - (o) sihlanganise uhlu lwezigungu ezilawula izikole ezisanda kukhethwa futhi sithumele lolo luhlu esiKhulwini esengamele uKhetho lwesiFundazwe;
  - (p) sihlanganise umbiko obhaliwe wesifunda mayelana nokhetho bese siwuthumela esiKhulwini esengamele uKhetho lwesiFundazwe.
- (3) Isekela lesiKhulu esengamele uKhetho lwesiFunda kanye nomsizi wesikhulu esengamele uKhetho lwesiFunda bayosiza isikhulu esengamele uKhetho lwesiFunda ekwenzeni imisebenzi yaso.
- (4) Isekela lesiKhulu soKhetho sesiFunda kanye nomsizi wesikhulu soKhetho sesiFunda bangaluleka isikhulu esengamele uKhetho lwesiFunda nganoma yiluphi udaba oluphathelene nokhetho.

#### **Ukuqokwa kweziKhulu Ezengamele uKhetho eziKoleni**

8. (1) INhloko yoMnyango kumele iqoke, ngokubhalwe phansi, isikhulu esengamele uKhetho esiKoleni lapho kuzokhethwa, abazali, othisha, izisebenzi ezingebona othisha kanye nabafundi bomkhandlu omele abafundi, njengamalungu esigungu esilawula isikole sikhulumeni.
- (2) Uthishanhloko ngeke aqokwe njengesikhulu esengamele uKhetho esiKoleni aqashwe kuso.
- (3) Isikhulu esengamele uKhetho lwesiKole kumele siqoke ngokubhalwe phansi isikhulu esisodwa noma ngaphezulu noma othisha abasebenzela uMnyango noma abaqashwe yisigungu esilawula isikole ukuthi balekelele njengabasizi besiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni.
- (4) Isikhulu esengamele uKhetho esiKoleni siyokwengamela yonke imihlangano kuhlanganisa nokhetho lokuchibiyela kanye nokhetho lwezikhundla, kuze kuphele isikhathi sokuba sesikhundleni kwesigungu esilawula isikole esiqokiwe. Uma kwenzeka, isikhulu esengamele uKhetho esiKoleni singakwazi ukwengamela noma yimuphi umhlangano wokhetho, iNhloko yoMnyango iyoqoka ngokubhalwe phansi isikhulu esengamele uKhetho esiKoleni ukuthi sengamele lowo mihlangano.
- (5) Isikhulu esengamele uKhetho esiKoleni kanye nomsizi wesikhulu esengamele uKhetho esiKoleni ngeke bangenele ukhetho, noma baphakamise noma beseke ukuqokwa kwelungu.
- (6) Imisebenzi yesikhulu esengamele uKhetho esiKoleni, phakathi kokunye –

- (a) ukuxhumana nothishanhloko ukuze siqinisekise ukuthi isaziso esinikeza yonke imininingwane yosuku, isikhathi nendawo yomhlangano wokuphakanyiswa kwabazongenela ukhetho kanye nomhlangano omaqondana nokhetho silungiswa futhi sithunyelwa uthishanhloko wesikole;
  - (b) ukuqinisekisa ukuthi kunendawo efanelekile yokubamba umhlangano wokwenza iziphakamiso nokuqhutshwa kokhetho;
  - (c) ukuqinisekisa ukuthi ithimba lokhetho lesikole liyayazi inqubo yokhetho okumele ilandelwe futhi lihambisana nomthetho ofanele;
  - (d) ukungenelela kanye nokuxazulula noma yikuphi ukungaboni ngaso linye ngosuku lokhetho; kanye
  - (e) nokuthumela imiphumela yokhetho ehhovisi lesiFunda.
- (7) Uma ukhetho lubanjwe ngesikhathi kunesifo esiwubhubhane ezweni lonke esilawulwa yi-*National Disaster Management Act, 2002* (uMthetho No. 57 ka 2002) kanye nemigomo ephathelene nawo, isiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele siqinisekise ukuthi yonke imigomo ebekiwe iyalandelwa ngesikhathi kunokhetho kanye nokunye okuphathelene nalokho.

**Iqophelo Elamukelekile LokuziPhatha Kwezikhulu Ezengamele Ukhetho LwesiFundazwe, LweziFunda NolweZikole.**

9. (1) Ngaphandle kokuphambuka emgomweni ojwayelekile wokuziphatha owamukelekile, amandla nemisebenzi okuhlizekelwe eMthethweni kanjalo nakweminye imithetho esebenzayo kanye nenqubomgomo, iziKhulu ezengamele uKhetho lwesiFundazwe, lweziFunda kanye nolweziKole kumele –
- (a) ziziphathe ngokwethembeka nangesithunzi;
  - (b) zingachemi;
  - (c) ziyazi inqubo yokhetho kanye nemigomo esebenzayo;
  - (d) ziqhube ukhetho ngokwemithetho yesifundazwe;
  - (e) zibambisane nabaphathi bezikole kanye nabanye abantu abasebenzisana nabo;
  - (f) zilawule inkambiso yokuvota ngendlela enobulungiswa;
  - (g) zibhekane nezinkinga ezingavela ngenhlonipho;
  - (h) zibe nesizotha futhi zikhuthale;
  - (i) zingenzi okungaphezu kwalokho ezijutshelwe kona; futhi
  - (j) ziqinisekise ukuthi imigomo ye-*Protection of Personal Information Act, 2013* (uMthetho No. 4 ka 2013) iyalandelwa ngaso sonke isikhathi uma kuthathwa imininingwane noma kusatshaliswa ulwazi.
- (2) IsiKhulu esengamele uKhetho kumele sisayine isifungo noma isiqinisekiso sokugcina imfihlo ngendlela enqunye yiNhlolo yoMnyango ngaphambi kokuthi senze imisebenzi yaso njengesikhulu esengamele uKhetho.
- (3) Indlela yokuziphatha kwezisebenzi zoMnyango eziqokwe njengeziKhulu ezengamele uKhetho ilawulwa yimithetho kanye nenqubomgomo efanele yoMnyango.

**Uhlu Lwabavoti**

10. (1) Uthishanhloko kumele ahlele uhlu lwabavoti oluphathelene nalaba abalandelayo –
- (a) abazali;
  - (b) othisha;
  - (c) izisebenzi ezingebona othisha;
  - (d) abafundi abasemkhandlwini omele abafundi.

- (2) Uhlu lwabavoti kumele lwenziwe kanje:
- (a) uhlu lwabavoti lwabazali kumele lususelwe kwirejista yesikole yokwamukela abafundi. Abazali abafanelekile yilabo bazali abavela kwirejista yesikole yokwamukela abafundi noma yilabo abaveza ubufakazi bokuthi bangabazali njengoba kuchaziwe eMthethweni. Abazali ababili (2) kuphela bomfundi ngamunye abafaneleke ukuvota;
  - (b) uhlu lwabavoti lothisha kumele lube nabo bonke othisha abaqashwe kuleso sikole;
  - (c) uhlu lwabavoti lwezisebenzi ezingebona othisha kumele lube nazo zonke izisebenzi ezingebona othisha eziqashwe kuleso sikole;
  - (d) uhlu lwabavoti lwabafundi kumele lube nawo wonke amalungu omkhandlu omele abafundi.
- (3) Le migomo elandelayo kumele uthishanhloko ayilandele ngesikhathi ecubungula ubufakazi bobuzali maqondana nomuntu owenza umsebenzi womzali noma womuntu okhulisa noma womuntu oqokwe ngokomthetho ukunakekela umfundi noma womuntu ngokomthetho onegunya lokukhulisa umfundi uma lowo muntu esaphila –
- (a) izizathu zalowo muntu zokuzibophezela ukwenza imisebenzi yalaba ababalulwe ngenhla;
  - (b) ukubheka ukuthi umfundi uhlala nobani;
  - (c) ukwazi ukuthi likuphi ikhaya lomuntu owenza umsebenzi womzali noma lomuntu okhulisa noma lomuntu oqokwe ngokomthetho ukunakekela umfundi noma lomuntu ngokomthetho onegunya lokukhulisa umfundi;
  - (d) ukusondelana kwamakhaya abantu ababalulwe ebinzaneni 10(3)(c) ngenhla, nesikole;
  - (e) umsebenzi oshiwo ngenhla kumele ube ngaphezu kokunakekela izidingo zomfundi ngokwezezimali kodwa kumele kuqikelelwe nokunakekelwa kwezidingo zomfundi zezemfundo kanye nokwesekwa kwakhe;
  - (f) ukuzinikela kanye nokuzibophezela komuntu owenza umsebenzi wabantu abashiwo ebinzaneni 10(3)(c) ngenhla wokunakekela lowo mfundi;
  - (g) uma kungukuthi umfundi unezinye izingane zakwabo esikoleni kufanele kubhekwe ukuthi ubani owenza imisebenzi yobuzali kulezi ezinye izingane zakwabo.. Imininingwane ehlinzekwe maqondana nalezi ezinye izingane zakwabo kumele iqhathaniswe nale enikeziwe emaqondana nalo mfundi othintekayo;
  - (h) ubudlelwane phakathi komfundi nomuntu onakekela lowo mfundi;
  - (i) uthishanhloko wesikole kumele enze uphenyo olufanele emphakathiniukuqinisekisa ukuthi ubani umphakathi omazi njengomzali womfundi;
  - (j) nanoma iyiphi incazelo ezwakalayo yokuthi kungani lowo muntu enza umsebenzi womuntu oshiwo ngenhla;
  - (k) kufanele kubhekwane nodaba ngalunye ngokucophelela luze lube luyagculisa futhi uthishanhloko kumele aqinisekise ukuthi ukuthatha kwakhe izinqumo kuyefana uma emukela umuntu othile ngokuthi ungumzali.
- (4) Uthishanhloko wesikole kumele okungenani ezinsukwini eziyishumi nane (14) ngaphambi komhlangano wokhetho, aphathise abafundi izincwadi kanye namafomu eziya kubazali, ezibazisa ngomhlangano wokhetho nezibamema ukuthi bazohlola uhlu lwabavoti olukhona bese behlinzeka isikole ngemininingwane yabo esishintshile, uma kunesidingo.
- (5) Uthishanhloko wesikole kuphela ongagunyaza ukuchitshiyelwa kohlu lwabavoti.
- (6) Bonke labo abenza iziphakamiso noma abeseka iziphakamiso kanye nabaphakanyiswayo kumele kube abantu abasohlwini lwabavoti ezigabeni abazimele ngokwahlukana kwazo esigungwini esilawula isikole.
- (7) Noma yiluphi ushintsho noma imibuzo okuphathelene nohlu lwabavoti kumele kudluliselwe kuthishanhloko okungenani ezinsukwini eziyisikhombisa (7) ngaphambi komhlangano wokhetho futhi akukho mibuzo ephathelene nohlu lwabavoti eyophendulwa yisiKhulu esengamele uKhetho lwesiKole ngosuku lokhetho.

**Isaziso Somhlangano Wokuphakamisa Abazongenela Ukhetho Nowokhetho**

11. (1) Uthishanhloko wesikole esizosingatha umhlangano omaqondana nokhetho kumele acabangele abavoti ngesikhathi ebhala izaziso lapho kunqunywa usuku, isikhathi kanye nendawo yomhlangano wokuphakanyiswa kwabazongenela ukhetho.
- (2) Ukuqokwa nokukhethwa kohlaka lothisha, lwezisebenzi ezingebona othisha kanye nolomkhandlu omele abafundi kumele kwenzeke ngaphambi kokhetho lwabazali.
- (3) Uthishanhloko wesikole kumele akhiphe amakhophi esaziso somhlangano wokhetho kusasele okungenani izinsuku eziyishumi nane (14) ngaphambi komhlangano wokuqala omaqondana nokhetho.
- (4) Uthishanhloko kumele aqinisekise ukuthi –
- (a) uthumela ikhophi yesaziso somhlangano wokhetho wabazali babo bonke abafundi basesikoleni sakhe aphinde abatshele ngomlomo ukuthi banike abazali leso saziso;
  - (b) unikeza othisha ikhophi yesaziso somhlangano wokhetho lothisha;
  - (c) unikeza izisebenzi ezingebona othisha ikhophi yesaziso somhlangano wokhetho lwezisebenzi ezingebona othisha;
  - (d) unikeza abafundi abasemkhandlwini wabafundi ikhophi yesaziso somhlangano wokhetho womkhandlu omele abafundi;
  - (e) uqinisekisa ukuthi lawo makhophi ezaziso akhangiswa noma aphanyekwa ezindaweni lapho ezobonwa khona yiwo wonke umuntu, esikoleni nasezindaweni zomphakathi; futhi
  - (f) asabalalise izaziso noma ngayiphi indlela ezohambelana nalowo mphakathi waleso sikole inqobo nje uma ingeke ithikameze amalungelo omphakathi waleso sikole.
- (5) Uthishanhloko kumele aqinisekise ukuthi –
- (a) izaziso zibhalwe ngolimi olusetshenziswa kuleso sikole futhi uma kunokwenzeka zibhalwe nangolimi olusetshenziswa emakhaya abafundi; futhi
  - (b) bonke abazali bayagquguzelwa ukubamba iqhaza okhethweni.
- (6) lapho kunokwenzeka kuba khona isikole esisha esivulwayo ngesikhathi esimaphakathi kokubusa kwezigungu ezilawula izikole, umhlangano wokhetho lwesikole esisha kumele ubanjwe ezinsukwini ezingamashumi ayisithupha (60) leso sikole sivuliwe.

**Ilungelo Lokuvota**

12. (1) Umzali ngamunye ogama lakhe livela ohlwini lokuvota –
- (a) unelungelo lokuvotela abazali abazoba amalungu esigungu esilawulayo;
  - (b) angavotela kanye (1) kuphela lowo ophakanyisiwe ngokwesibalo esibekiwe samavoti esilingana nenani labazali okumele baqokwe.
- (2) Uthisha ngamunye, kuhlenganisa nothishanhloko, oqashwe esikoleni –
- (a) unelungelo lokuvotela amalungu awothisha;
  - (b) angavotela kanye (1) kuphela lowo ophakanyisiwe ngokwesibalo esibekiwe samavoti esilingana nenani lothisha okumele bakhethwe.

- (3) Isisebenzi sasesikoleni esingeyena uthisha –
  - (a) sinelungelo lokuvotela ilungu eliyisisebenzi esingeyena uthisha;
  - (b) sinevoti eilodwa.
- (4) Lapho isikole sinesisebenzi esisodwa (1) kuphela leso sisebenzi sinelungelo lokukhethwa sibe yilungu lesigungu esilawula isikole.
- (5) Ilungu loMkhandlu oMele abaFundi ngalinye –
  - (a) linelungelo lokuvotela amalungu angabafundi;
  - (b) angavotela kanye(1) kuphela lowo ophakanyisiwe ngokwesibalo esibekiwe samavoti esilingana nenani labafundi okumele bakhethwe.
- (6) Akuvumelekile ukuba omunye umuntu avote esikhundleni somunye.

### **Ikhoramu Yomhlangano Wokuphakamisa Amagama Kanye Nowokuvota**

- 13. (1) Ikhoramu engamaphesenti ayishumi nanhlano (15%) yabavoti abasohlwini lwabavoti kumele ihlangane ngaphambi kokuba kuqale umhlangano wokuphakamisa amagama kanye nowokuvota.
- (2) Uma ikhoramu eshiwo ebinzaneni (1) ingahlangani –
  - (a) umhlangano kumele uhlehliswe bese kuhlelwa kabusha umhlangano wesibili ozokuba ngolunye usuku sekwedlule izinsuku eziyisikhombisa (7) kodwa kungabi sekwedlule eziyishumi nane (14) lo mhlango uchihiwe; futhi
  - (b) uthishanhloko wesikole kumele ahambisane nemigomo ebekwe ebinzaneni 11(4)(a)-(f).
- (3) Iziphakamiso ezibhaliwe ezamukelwe ngaphambi kokuchithwa komhlangano ziyobe sezihlanganiswa nanoma yiziphi ezinye ezibhaliwe eziyokwamukelwa emhlanganweni oyohlelwa kabusha.
- (4) Isaziso esimaqondana nomhlangano ohlelwe kabusha kumele sibalule ukuthi ngeke isadingeka ikhoramu kulo mhlango okungowesibili.

### **Ukuphakanyiswa Kwamagama eMhlanganweni Wokhetho**

- 14. (1) Isikhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele siqoke ngokubhalwe phansi lowo ozoba umsizi wesikhulu esengamele uKhetho esiKoleni ukuze abe unobhala emhlanganweni
- (2) Ngaphandle kwezingqapheli zokhetho kanye nabasizi besikhulu esengamele uKhetho esiKoleni, isikhulu esengamele uKhetho esiKoleni akumele sivumele noma yimuphi umuntu ongafanelekile ukuvota ukuthi athamele umhlangano noma ukuqokwa komuntu ongafanelekile ukukhethwa ngokwebinza 2.
- (3) Isikhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele sicele abavoti ukuthi baveze ubufakazi bokuhlonzwa ngokuletha omazisi, amaphasiphothi asemthethweni noma ubufakazi bokuba yisakhamuzi esiwumsinsi noma sesikhashana noma imvume yokuhlala kuleli kulabo abangezona izakhamuzi zaseNingizimu Afrika.
- (4) Ngaphambi kokuqhubeka nokuqokwa kwamalungu esigungu esilawula isikole, isikhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele sazise abavoti lokhu okulandelayo –

- (a) ukuthi isikhathi saleso sigungu esilawula isikole ngaleso sikhathi sesiphelile futhi amalungu asazisiwe ngokusemthethweni;
  - (b) ukuthi umhlangano omaqondana nokhetho ungumhlangano ovalelekile;
  - (c) izimiso zebinza lesihlanu (5) ziveza umuntu ongakufanele ubulungu besigungu esilawula isikole;
  - (d) isibalo sabantu abazoqokwa;
  - (e) ukuthi isiphakamiso ngasinye, kumele sisekwe umzali, uthisha, isisebenzi esingeyena uthisha noma umfundi osemkhandlwini omele abafundi, njengoba kungaba njalo, ongunya lokuvota;
  - (f) ukuthi, ngesikhathi kwenziwa iziphakamiso abavoti kumele baqikelele ukumeleleka futhi baqinisekise ukuthi uma kwenziwa iziphakamiso kunokumeleleka ngokobulili, ngokubuhlanga uma kunokwenzeka futhi zibandakanye ukuphakanyiswa kwabantu abaphila nokukhubazeka;
  - (g) ukuthi umvoti unelungelo (1) lokuvotela isikhundla ngasinye (1) okumele sigcwaliswe;
  - (h) ukuthi ukuvota kuyimfihlo; kanye
  - (i) nokuthi kuvumelekile ukufakwa kwezikhalo njengalokhu kucacisiwe ebinzeni 29.
- (5) Ngesikhathi kwenziwa iziphakamiso isikhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele –
- (a) sinqume futhi sihlele isikhathi sokwenziwa kweziphakamiso;
  - (b) sazise abavoti ngesikhathi esihleliwe;
  - (c) sivumele ukuthi kube nesikhathi esanele sokwenziwa kweziphakamiso zalabo abazongenela ukhetho; futhi
  - (d) sikhombise ukuthi isikhathi sokwenziwa kweziphakamiso sesivaliwe.
- (6) Umuntu angaphakanyiswa engekho, inqobo nje –
- (a) uma lowo omphakamisayo nowesekela isiphakamiso bekhona emhlanganweni futhi kumele agcwalise ifomu lokwenza isiphakamiso; futhi
  - (b) uma ophakanyiswayo ethumelela uthishanhloko isiqiniseko esibhaliwe sokwamukela isiphakamiso.
- (7) Ifomu lokwenza isiphakamiso eligcwaliswe yilowo ophakamisa umuntu, osekelayo kanye nophakanyiswayo kumele lamukelwe yisikhulu esengamele uKhetho esiKoleni kungakapheli izinsuku eziyisikhombisa (7) futhi kungabi ngaphansi kwamahora angamashumi amabili nane (24) ngaphambi kokuqala komhlangano.
- (8) Emhlanganweni omaqondana nokhetho, lowo ongenela ukhetho angaphakanyiswa ngomlomo –
- (a) ngumzali womfundi ofunda esikholeni maqondana nesikhala ngokuhambisana nebinza 4(a);
  - (b) nguthisha oqashwe yisikole esithintekayo maqondana nesikhala ngokuhambisana nebinza 4(b);
  - (c) yisisebenzi esingeyena uthisha esiqashwe yisikole esithintekayo maqondana nesikhala ngokuhambisana nebinza 4(c);
  - (d) ngumfundi osemkhandlwini omele abafundi ngokuhambisana nebinza 4(d), inqobo nje uma omunye umzali, uthisha, isisebenzi esingeyena uthisha noma umfundi osemkhandlwini wabafundi, lokho okunokwenzeka, esekela isiphakamiso. Futhi nomuntu ophakanyisiwe esho emhlanganweni ngomlomo noma ngokubhaliwe uma engekho emhlanganweni, ukuthi ukulungele ukuba yilungu lesigungu esilawula isikole uma eqokwa.
- (9) Isikhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele –
- (a) sinike umuntu ophakamise ozongenela ukhetho ithuba lokumethula emhlanganweni bese ehlinzeka izizathu zokuphakamisa lowo muntu; noma
  - (b) sivumele lowo ophakanyisiwe ukuthi azethule emhlanganweni.



- (10) Ngesikhathi kwenziwa iziphakamiso, isikhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele sicubungule iziphakamiso futhi sichithe noma yisiphi isiphakamiso sanoma yimuphi umuntu–
- ongaphakanyiswa ngokuhambisana nebinza 14;
  - ongafanelekile ngokwebinza 5; noma
  - ongaligcwalisanga ifomu lokwenza isiphakamiso ngendlela, ngaphandle uma lowo omele ukhetho eletha ubufakazi obubhaliwe esikhulwini Esengamele uKhetho esiKoleni obushoyo ukuthi lowo ophakanyisiwe uyazinikela ekubeni yilungu lesigungu esilawula isikole futhi uyahlangabezana nayo yonke imibandela ehambisana nokuba yilungu.
- (11) Isikhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele simemezele amagama abantu abaphakanyisiwe ukuphakanyiswa kwabo okwamukeliwe bese siyabayalela ukuba bagcwalise ngendlela efanelekile amafomu okuphakanyiswa.
- (12) Uma isibalo sesisonke sabaphakanyisiwe, ukuphakanyiswa kwabo sekwamukelwe –
- singaphansi kwesibalo samalungu adingekayo maqondana nesigaba esithintekayo, kumele emva kwezinsuku eziyisikhombisa (7) kodwa zingakapheli eziyishumi nane (14) kubizwe omunye umhlangano lapho kuzoqokwa abaphakanyiswayo bokwengeza;
  - silingana nesibalo samalungu adingekayo maqondana nesigaba esithintekayo, isikhulu esengamele uKhetho kumele simemezele ngokusemthethweni ukuthi bonke abaphakanyisiwe sebefana nabakhethiwe;
  - singaphezu kwesibalo sezikhala, isikhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele, ngokushesha ngemva kokovalwa kokwenziwa kweziphakamiso, sibhale phansi amagama abantu abazongenela ukhetho lapho ezokwazi ukubonwa yiwona wonke umuntu okhona emhlanganweni bese silungisa amaphepha okuvota.
- (13) Esikoleni lapho kunesisebenzi esisodwa esingeyena uthisha, isikhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele sazise leso sisebenzi ukuthi sesiqokelwe esigungwini esilawula isikole futhi kumele siqinisekise ukuthi amafomu okhetho adingekayo ayagcwaliswa.

### Ukuvota Emhlanganweni Omaqondana Nokhetho

15. (1) Umvoti ngamunye uvotela isikhundla ngasinye (1) okumele sigcwaliswe esigungwini esilawula isikole kanye kuphela.
- (2) Isikhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele silungise amaphepha okuvota futhi kumele –
- siqinisekise ukuthi wonke amaphepha okuvota anesitembu sesikole noma okunye okuwuphawu oluyisibonakaliso oluvimbela ukuthi amaphepha okuvota kungenziwa okungafanele kuwona;
  - sichaze inqubo yokuvota, isibalo esilinganisiwe sabantu abaphakanyisiwe abazovotelwa kanjalo nokuthi kuzovotwa kanjani, okungaba ukufaka uphawu oluyisiphambano (x), noma kusetshenziswe izinombolo noma ngokubhala amagama.
- (3) Umvoti okhona kumele akhombise igama lomuntu ongavotelwa amkhethayo noma amagama abantu abangavotelwa abakhethayo ephepheni lokuvota elihlinzekwe yisikhulu esengamele uKhetho esiKoleni ngokwebinzana (2)(b).
- (4) Umuntu onelungelo lokuvota kumele abhale ngokuyimfihlo ivoti lakhe ephepheni lokuvota bese efaka lelo phepha lokuvota eligoqiwe ebhokisini noma kwesinye isiqukathi esivalekile esihlinzekelwe lokho.

- (5) Umuntu ongakwazi ukufaka uphawu ephepheni lokuvota njengoba kuchaziwe ebinzaneni (3), angacela ngomlomo esiKhulwini esengamele uKhetho esiKoleni noma kuMsizi wesiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni ukuba alekelelwe ukuze afake uphawu eduze kwalowo amkhethayo ephepheni lokuvota
- (6) IsiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni, phambi koMsizi waso, kumele sisize nanoma yimuphi umuntu ophila nokukhubazeka nanoma yimuphi omunye umuntu, ngenxa yanoma yisiphi isizathu ongakwazi ukufaka uphawu lwevoti lakhe.
- (7) Isicelo soziso kanye nokugcwaliswa kwephepha lokuvota okuchazwe ebinzaneni (5) kuyokwenziwa ngasese endaweni isiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni esiyihlonzele lokho kodwa kumele ibe ndawonye nalapho kuvotelwa khona.
- (8) Uma iphepha lokuvota lonakala ngephutha ngesikhathi umuntu evota, isiKhulu esengamele uKhetho kumele –
  - (a) sinike lowo muntu iphepha lokuvota elisha elinenombolo efanayo nalelo elonakele bese libhala igama elithi “*impindakabill*” (duplicate) ephepheni lokuvota elisha;
  - (b) sigcine lelo phepha lokuvota elonakele bese sibhala ukuthi “*elonakele*”(spoilt) kulona;
  - (c) sibhale phansi ephepheni eliqondene nalokho wonke amaphepha okuvota onakele lapho kushicilelwa khona;futhi
  - (d) sigcine ubufakazi balawo maphepha okuvota onakele nobamaphepha okuvota nawo wonke amanye amaphepha anemininingwane emaqondana nokhetho
- (9) IsiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni singangalamukeli iphepha lokuvota –
  - (a) elingenaso isitembu sesikole noma uphawu oluyisibonakaliso njengoba kuchaziwe ebinzaneni 2(a);
  - (b) elinezimpawu eziyisiphambano ezingaphezu kwesibalo sezikhala ezisesigungwini esilawula isikole;
  - (c) elinegama lomuntu ongaphakanyisiwe noma elinamagama abantu abangaphakanyisiwe; noma
  - (d) eligcwaliswe ngendlela engacacisi ukuthi yimuphi umuntu ophakanyisiwe ovotelwayo noma abantu abaphakanyisiwe abavotelwayo.
- (10) Emva kokuthi bonke abavoti sebevotile, isiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni kanye noMsizi waso kumele babale amavoti phambi kwezingqapheli zontathu (3) eziqokwe yilabo abasemhlanganweni ukuba baqaphe ukubalwa kwamavoti.
- (11) Uma kunokulingana kwamavoti emva kwelinye ihlandla lokuvota, isiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele sixazulule leso simo ngokuphonsa uhlamvu lwemali phezulu bese kunqunywa ukuthi ubani onqobile ngokuthi uhlamvu lwemali luwele ngakuluphi uhlangothi.
- (12) IsiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele simemezele imiphumela ngesikhathi somhlangano wokhetho siphinde simemezele labo abathole amavoti amaningi abazoba amalungu esigungu esilawula isikole.
- (13) Isibalo samavoti umuntu awatholayo kulolu khetho asinqumi umphumela wokhetho lwezikhundla eziqokwe ngokwebinza 17.
- (14) isiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele siyalele abafundi ukuba bafunde okuqukethwe isigaba 32 soMthetho ochaza kabanzi ngesimo samalungu asemancane ngokweminyaka esigungu esilawula isikole.

**Ukuqokwa Kwamalungu**

16. (1) Uthishanhloko, kumele athumelele isiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni isithasiselo esicacisa ngokwakheka kwesigungu esilawula isikole kusasele izinsuku ezingamashumi amabili nanye (21) ngaphambi kosuku lokhetho, njengoba kubekiwe kuSheduli A.
- (2) Uthishanhloko, kumele athumelele isimemo kusasele okungenani izinsuku eziyishumi nane (14) ngaphambi komhlangano, ameme laba abalandelayo bazoqoka amalungu azobamela njengoba kuchaziwe ebinzaneni 4(g) kuya ku (k) –
- izinhlangotho zabaxhasi, uma zikhona;
  - izinhlangotho zabazali babafundi abanezidingo ezikhethekile zemfundo, uma zikhona;
  - izinhlangotho zabantu abaphila nokukhubazeka, uma zikhona;
  - umuntu ophila nokukhubazeka noma abantu abaqokwe abantu abaphila nokukhubazeka basemphakathini, uma bekhona;
  - ungoti noma ongoti emikhakheni efanele yezemfundo yabanezidingo ezikhethekile.
- (3) Isikhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele sibe ngusihlalo womhlangano futhi siphathe uhlelo lomhlangano obalulwe ebinzaneni (2).
- (4) Emhlanganweni, isikhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele siyalele ukuthi –
- izinhlangotho ezikhona emhlanganweni, zihlonze abazozimela esigungwini esilawula isikole ngokweSithasiselo esishiwo ebinzaneni (1);
  - izinhlangotho zihlinzeke ngemininingwane ephela yabantu abaqokwe kuhlanganisa igama, ikheli, izinombolo zokuxhumana kanye nekheli le-imeyli;
  - uma ilungu eliqokwe lingaselona ilungu lenhlangotho, inhlangotho kumele, ngokubhalwe phansi –
    - yazise isigungu esengamele isikole ngesimo salelo lungu;
    - ihoxise ukuqokwa kwalowo muntu;
    - khona manjalo iqoke ozoyimela; futhi
    - ihlinzeke ngegama neminingwane ephela okukhulunywa ngayo ebinzaneni (4)(b) ngenhla;
  - kungaqokwa ongoti abangaphezu koyedwa kuncike ezidingweni zesikole.
- (5) Umhlangano okukhulunywa ngawo ebinzaneni (2) ngenhla kumele ubanjwe ngaphambi komhlangano wokhetho wabazali.
- (6) Isibalo esihlangene samalungu aqokwe ngokwebinzana (2) kumele singeqi emalungwini amahlanu (5).
- (7) Uma isikhulu soKhetho sesiKole sithola imininingwane yabantu abaqokwe ngokwebinzana 16(2) nangemva kokuzigculisa ukuthi umuntu oqokwe ukwamukelile lokho kuqokwa njengelungu lesigungu esilawulayo, kumele ngale kokupholisa amaseko nangokubhalwe phansi sazise umuntu oqokwe ngamunye ngokuqokwa kwakhe njengelungu lesigungu esilawula isikole.

**Ukuqokwa Kamalungu Ngokwezikhundla**

17. (1) Isikhulu esengamele uKhetho esiKoleni singabiza umhlangano ngenhloso yokuqoka amalungu ngokwezikhundla uma –

- (a) isaziso sezinsuku eziyishumi nane-(14) ngokwebinzana 11(3) esathunyelelwa abazali, othisha, izisebenzi ezingebona othisha kanye nabafundi abasemkhandlwini omele abafundi sasineminingwane yokuthi umhlangano wokhetho lweziphathimandla luyoba ngosuku lomhlangano wokhetho wabazali; futhi
- (b) imigomo yekhoramu kuhanjisenwe nayo.
- (2) Uma umhlangano wokuqoka amalungu ngokwezikhundla ungalalanga ngokwebinzana 16(1), isiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele sibize umhlangano wokuqala wesigungu esilawula isikole ezinsukwini eziyisikhombisa (7) kusukela osukwini okubanjwe ngalo umhlangano wokhetho wabazali.
- (3) IsiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele sengamele yonke imihlangano ebizelwe ukuqoka amalungu ngokwezikhundla. Ngaphambi kokuqokwa kwamalungu ngokwezikhundla, isiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele sazise amalungu esigungu esilawula isikole –
- (a) imisebenzi yamalungu ngokwezikhundla zawo; kanye
- (b) nesidingo sokuqinisekisa ukuthi ukumeleleka kuyabhekisiswa ekuqokweni kwamalungu.
- (4) Emhlanganweni wokuqala wesigungu esilawula isikole amalungu kumele aqoke ngokuvota–
- (a) usihlalo;
- (b) isekela likasihlalo;
- (c) umgcinimafa; kanye
- (d) nonobhala.
- (5) Noma yiliphi ilungu lesigungu esilawula isikole eliwumzali noma eliqokelwe kwesinye salezi zikhundla okukhulunywa ngazo ngaphansi komyalelo 4(a), (f), (g), (h), (i) no (j) lingaba usihlalo noma isekela likasihlalo wesigungu esilawula isikole.
- (6) Isikhathi sokusebenza kwabasezikhundleni siwunyaka.
- (7) Uma sekuzophela isikhathi sokusebenza kwalabo abasezikhundleni isiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele sisingathe ukhetho lwamalungu azongena ezikhundleni zesigungu azosebenza ngonyaka olandelayo.
- (8) Ilungu elisesikhundleni lingabuye liqokwe futhi emva kokuba sekuphele isikhathi sokusebenza kwalo.
- (9) Uma uthishanhloko ecelwa isigungu esilawula isikole, angajuba omunye wezisebenzi ezingebona othisha ukuthi alekelele umgcinimafa nonobhala besigungu esilawula isikole.
- (10) Uma, ngenxa yanoma yisiphi isizathu, kuvuleka isikhala kwesinye sezikhundla, kumele isigungu esilawula isikole, emhlanganweni wokuqala emva kokuvuleka kwesikhala lesi, siqoke omunye wamalungu aso ukuba avale lesi sikhala lesi sikhathi sokusebenza esisasele kuze kungene esinye isigungu.
- (11) Uthishanhloko, ezinsukwini eziyishumi nane (14) emva kokhetho nangemvume yeziphathimandla, kumele ahambise eNhlokweni yoMnyango imininingwane yalabo abangene ezikhundleni kubandakanya amagama, izinombolo zomazisi, izinombolo zezingcingo noma zamaselula, izinombolo zefeksi, amakheli kanye namakheli-e-imeyili. Imininingwane ehlinze kiwe kumele iphathwe ngokulandela imigomo ye-POPIA (Protection of Personal Information Act)

### Ukudluliselwa Kwemisebenzi Emalungwini Amasha

18. (1) Ezinsukwini eziyishumi nane (14) kuqokwe iziphathimandla, uthishanhloko wesikole njongomuntu omele iNhloko yoMnyango esigungwini esilawula isikole kumele engamele uhlelo lokudluliselwa kwemisebenzi

emalungwini amasha

- (2) Amalungu asephuma esigungwini esilawula isikole kumele adlulisele wonke amabhuku aphaathelene nesigungu esilawula isikole emalungwini amasha.
- (3) Isitifiketi esisemthethweni sokudluliselwa kwemisebenzi emalungwini amasha esikhombisa isibalo samabhuku okumele adluliselwe, kufanele sikhishwe futhi sisayinwe usihlalo ophumayo kanye nongenayo esikhundleni, uthishanhloko kanye noMphathi weSekethe.
- (4) UMphathi weSekethe kumele aqinisekise ukuthi zonke izikole ezingaphansi kwakhe ziyawudlulisela umsebenzi nokuthi zonke izitifiketi zokudluliselwa kwemisebenzi ezigcwaliswe ngendlela zithunyelwa esiKhulwini soKhethe sesiFunda ezinsukwini eziyishumi nane (14) kuqokwe amalungu

### **Ukuphambuka Enqubweni Yokwenza Iziphakamiso Neyokhetho**

19. (1) Uma isigungu esilawula isikole, ngezizathu eziphoqayo siqoka ukungayilandeli inqubo yokwenza iziphakamiso neyokhetho eshiwo ngenhla, isigungu esilawula isikole kufanele sifake isicelo sokuphambuka enqubweni yokwenza iziphakamiso neyokhetho eNhlokweni yoMnyango futhi kufanele silandele imigomo esebinzaneni 19(2).
- (2) Isigungu esilawula isikole singafaka isicelo sokuphambuka sokhetho losuku lonke noma sokhetho olusebenza ngobuchwepheshe
- (3) INhloko yoMnyango iyovumelana naleso sicelo uma sichaza kabanzi futhi igculisekile ukuthi iyona kuphela inqubo isikole esingasingatha ngayo ukhetho olusha.
- (4) Isigungu esilawula isikole iNhloko yoMnyango esinike imvume yokuphambuka enqubweni ejwayelekile yokwenza iziphakamiso neyokhetho, asivinjwe ukuthi sibuyele enqubweni ejwayelekile yokwenza iziphakamiso neyokhetho uma kunokhetho lokuchibiyela.

### **Ukhetho Olubanjwa Usuku Lonke**

20. (1) Isikole, uma kunezizathu eziphoqayo futhi ngokuvumelana kwesigungu esilawula isikole singanquma ukuba kubanjwe ukhetho usuku lonke uma –
  - (a) ukuphambuka kuyosebenzela umphakathi wesikole nesikole sonkana futhi kuyovumela ukuthi iningi labavoti libambe iqhaza uma sekuvotwa;
  - (b) ukuphambuka ngeke kubandlulule mvoti noma qembu labavoti;
  - (c) inqubo yokuqokwa kwamalungu ihlinzekelwe ngendlela efanele.
- (2) Uma isigungu esilawula isikole siqoka ukubamba ukhetho usuku lonke, uthishanhloko wesikole kumele –
  - (a) kusasele okungenani izinsuku ezingamashumi amabili nanye-(21) ngaphambi kokuthumela isaziso sokhetho acele ngokubhalwe phansi eNhlokweni yoMnyango imvume yokubamba ukhetho usuku lonke;
  - (b) ahlinzeke izizathu eziphoqa ukuthi kubanjwe ukhetho usuku lonke esikhundleni somhlangano wokhetho;
  - (c) ahlinzeke ubufakazi bokuthi kuzoba khona izingqapheli kanye nethimba elengamele ukhetho ngesikhathi kunokhetho;
  - (d) ahlinzeke ubufakazi bokuthi zikhona izinsiza zokwenza iziphakamiso kanye nezokubanjwa kokhetho usuku lonke;

- (e) ahlinzeke ubufakazi bokuthi ukufunda nokufundisa esikoleni ngeke kuphazamiseke ngenxa yokhetho oluyobanjwa usuku lonke;
- (3) Ngaphambi kokukhipha imvume yokhetho oluyobanjwa usuku lonke yanoma yisiphi isikole, iNhloko yoMnyango kumele ibheke lokho okubalulwe ebinzaneni 19 (2) futhi sizigculise ngokuthi izikole zihlangabezane nokudingekayo.
- (4) Isikole kumele saziswe ngesinqumo seNhloko yoMnyango ezinsukwini eziyishumi nane (14) leso sikole sifake isicelo.
- (5) IsiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele, ngaphambi kosuku lokhetho, siqinisekise ukuthi –
  - (a) isikole sigunyaziwe ngokubhaliwe yiNhloko yoMnyango ukuba sibambe ukhetho usuku lonke;
  - (b) lukhona uhlelo losuku lokhetho;
  - (c) bonke abaphakanyisiwe bathumele imininingwane yabo esikoleni nokuthi ikulungele ukuphanyekwa ngaphandle kwesiteshi sokuvota;
  - (d) isikhathi sokuvala sizozivumela izingqapheli kanjalo nethimba elengamele ukhetho isikhathi esanele sokubuyela emakhaya; nokuthi
  - (e) ngesikhathi sokuvala, isikole sinomuntu oyoqinisekisa ukugcinwa kahle kwayo yonke imibhalo namabhuku asetshenzisiwe maqondana nokhetho.

#### **Ukwenziwa Kweziphakamiso zoSuku Lonke Lokhetho**

21. (1) Uma isikole sesinikwe imvume yokubamba ukhetho usuku lonke yiNhloko yoMnyango, kumele kulandelwe le nqubo yokwenza iziphakamiso –
- (a) uthishanhloko kumele abhale isaziso somhlangano wokwenza iziphakamiso futhi kumele abeke usuku, indawo kanye nesikhathi salowo mhlango;
  - (b) isaziso somhlangano wokwenza iziphakamiso wabazali kumele sisatshalaliswe futhi sikhangiswe ezindaweni ezigqamile esikoleni nasempakathini okungenani kusasele izinsuku ezingamashumi amabili nanye-(21) ngaphambi kosuku lokhetho oluyobanjwa usuku lonke.
- (2) Uthishanhloko kumele aqinisekise ukuthi –
- (a) isaziso esiwumbhalo somhlangano wokwenza iziphakamiso kanye nefomu lokwenza iziphakamiso kunikezwa umfundi ngamanye okungenani kusasele izinsuku ezingamashumi amabili nanye-(21) ngaphambi kosuku lokhetho oluyobanjwa usuku lonke oluhlongozwayo aphinde agcizelele nangomlomo ukuthi leso saziswe nalelo fomu kumele kunikezwe abazali; noma
  - (b) uma kungenjalo, ikhophi yesaziso sokwenza iziphakamiso kanye nefomu lokwenza iziphakamiso kumele kuthunyelwe kubazali babafundi ngeposi okungenani kusasele izinsuku ezingamashumi amabili nanye-(21) ngaphambi kokhetho oluyobanjwa usuku lonke; noma
  - (c) zisetshenziswe zombili lezi zindlela zokwazisa ezishiwo ngenhla, inqobo nje uma abazali kanye namalungu omphakathi bengeke babe senkingeni yokuthi azifinyeleli kubona .
  - (d) isaziso sokwenza iziphakamiso kanye nefomu lokwenza iziphakamiso, kumele, uma kunokwenzeka, kubhalwe ngolimi okufundiswa ngalo esikoleni nangolimi olukhulunywa emakhaya abafundi ukuqinisekisa ukuthi wonke umuntu ubamba iqhaza.
- (3) Isaziso kumele sazise abazali ukuthi ifomu lokwenza iziphakamiso kumele ligcwaliswe lisayinwe umuntu ophakanyiswayo, omphakamisayo kanye nomesekayo bese libuyiselwa esikoleni ezinsukwini eyishumi nane (14) ngaphambi kosuku lomhlangano wokwenza iziphakamiso futhi kumele lihambisane nemininingwane

eshiwo ebinzaneni 21(7).

- (4) Ngesikhathi kuqhubeka umhlangano wokwenza iziphakamiso, isiKhulu esengamele uKhetho esikoleni sihambisane nebinza elimaqondana nekhoramukanye nohlelo lokwenziwa kweziphakamiso elichazwe ebinzeneni 13 no14 silandele isigaba somthetho esiphathelene nekhoramukanye nenqubo yokwenza iziphakamiso okushiwo ezigabeni zomthetho 13 no 14 ngokulandelana.
- (5) Ophakanyiswayo angaphakanyiswa futhi esekwe kuphela umuntu osohlakeni olufanayo nalolo alumele lowo omphakamisayo
- (6) IsiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele siqinisekise ukuthi noma yimuphi omunye umuntu ofaneleke ukuphakanyiswa futhi ofisa ukuphakanyiswa unelungelo lokuba yingxenye yenqubo yokwenza iziphakamiso futhi lowo muntu kumele athumele imininingwane yakhe ekhombisa –
  - (a) igama lakhe nesibongo;
  - (b) amagama namabanga ezingane zakhe ezifunda kuleso sikole;
  - (c) umsebenzi awenzayo kanye nekhono analo kumbe isipiliyoni
  - (d) umbiko oshoyo ukuthi uyafaneleka ukuba yilungu lesigungu esilawula isikole njengalokhu kuchaziwe ebinzeneni 4; kanye
  - (e) nombiko wakhe obalula umthelela angaba nawo esikoleni.
- (7) Emhlanganweni wokwenziwa kweziphakamiso; isiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele sicele ukuba sihlizekwe ngemininingwane yabo bonke abaphakanyisiwe.
- (8) Emva kokwenziwa kweziphakamiso isiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele sicubungule iziphakamiso bese sichitha ukuphakanyiswa kwanoma yimuphi ophakanyisiwe –
  - (a) isiphakamiso sakhe esingasekwanga;
  - (b) ongafanelekile ukuqokelwa elinye ihlandla;
  - (c) ongaligcwalisanga ifomu ngendlela efanele nongayilethanga imininingwane edingekayo;
  - (d) ongakhombisanga intshisekelo yokuba yingxenye yesigungu esilawulayo.
- (9) Uma isibalo sabaphakanyisiwe singaphansi kwesibalo samalungu adingekayo esigungwini esilawula isikole kumele kuthunyelwe isaziso kubazali futhi kucelwe ukuba kuphakanyiswe amanye amagama.
- (10) Uma isibalo sabaphakanyisiwe silingana nesibalo samalungu adingekayo esigungwini esilawula isikole, isiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele simemezele ngokusemthethweni bonke abaphakanyisiwe njengamalungu aqokiwe futhi simemezele ukuthi usuku lokhetho alusenasingo.
- (11) Uthishanhloko kumele ezinsukwini eziyisikhombisa (7) emva kokwenziwa kweziphakamiso, abhalele abazali abazise ngomphumela womhlangano wokuphakanyiswa kwamagama obalulwe ebinzaneni (10) futhi azise abazali ukuthi usuku lokhetho alusenasingo.
- (12) Uma isibalo sabaphakanyisiwe singaphezu kwesibalo samalungu adingekayo esigungwini esilawula isikole, uthishanhloko kumele azise abazali ngokubabhalela abazise amagama kanye nemininingwane echaza abaphakanyisiwe. Emva kwalokho kuyobe sekubanjwa ukhetho losuku lonke lapho kuyovotwa ngokuyimfihlo.
- (13) Uthishanhloko kumele kusasele okungenani izinsuku eziyisikhombisa kube wusuku lokhetho akhangise imininingwane yabaphakanyisiwe endaweni okuyobanjelwa kuyona ukhetho losuku lonke.

- (14) Akekho umuntu oyoza ukuhlela inqubo yokwenza iziphakamiso ngendlela yokuthi kuphakanyiswe isibalo samalungu adingekayo kuphela ukuze kugwenywe ukhetho futhi nanoma yisiphi isenzo esinjalo siyothathwa njengokungalandelwa kwenqubo esemthethweni njengoba kuchaziwe ebinzeni 30.

### Ukuvota Okhethweni Losuku Lonke

22. (1) Isaziso sokhetho oluyobanjwa usuku lonke kumele sithunyelelwe abazali ezinsukwini eziyishumi nane (14) emva komhlangano wokwenziwa kweziphakamiso.

- (2) Kuyovotwa ngokuyimfihlo futhi kumele kusetshenziswe lenqubo yokuvota elandelayo–

- (a) bonke abantu abafaneleke ukuvota amagama abo avela ohlwini lwabavoti ayabhekwa bese eyaphawulwa ngokuwadwebela ohlwini lolo;
  - (b) abavoti abadinga usizo kuhlenganisa kodwa kungacini nje ngabantu abadala, abantu abaphila nokukhubazeka noma omama abakhulelwe kumele basizwe ngaphandle kokubandlulula abanye abavoti;
  - (c) abavoti amagama abo angaveli ohlwini lwabavoti lwaleso sikole ngeke bavunyelwe ukuvota;
  - (d) ukuqinisekisa ukulandelwa kwenqubo yokuvota kwenziwa kubo bonke abavoti abafanelekile abafike endaweni okuvotelwa kuyona (njengokuthi igama lomvoti liyadwetshelwa ohlwini lwabavoti);
  - (e) abavoti abangakwazi ukufeza zonke izidingo zokhetho ngeke bavunyelwe ukuvota;
  - (f) bonke abavoti banikezwa amaphepha okuvota afanele;
  - (g) izicelo zosizo ezenziwe abavoti abangakwazi ukuzifakela uphawu lokuvota ephapheni lokuvota ngenxa yanoma yisiphi isizathu kumele kubhekwane nazo ngokushesha;
  - (h) uhlelo lokuvotisa kanye nezisebenzi ezivotisayo kuqashwa ngendlela yokuthi kuhlinzekwa imininingwane eyanele neyiqiniso ukuze kugcinwe kahle konke okuqhubekayo futhi ukuze kube lula ukungenelela ngesikhathi uma kunesidingo futhi ehlinzeka ukugcinwa kwemininingwane kanye nokuvumela ukungenelela ngokushesha uma kunesidingo;
  - (i) ukuphikisa kwabavoti kubhalwa phansi bese kuthathwa isinqumo ngakho ngokulandela uhlelo lokuxazulula ukushayisana kwemibono;
  - (j) ukuxhumana ngendlela efanele phakathi kwabavoti,abasebenzi nanoma yibaphi abanye ababambe iqhaza, abangeyona ingxenye yokhetho, ukuze kuhlonishwe isithunzi somuntu kanye nokuqhakambisa ukubekezelelana;
  - (k) izinkinga ezikhona nezingaba khona kumele zihlonzwe futhi zicutshungulwe ngokuthi zingaba namuphi umthelela okhethweni kanye nasezisombululweni;
  - (l) ukuxazululwa kwezinkinga kuya ngokubhekwa kwesimo futhi kufanele ukuthi kubhekanwe nezingkinga ngokushesha;
  - (m) indlela yokuxazulula izinkinga ayikhuthaze ukusebenza kahle kwesiteshi sokuvota, kufezekise umgomo wokhetho olukhululekile nolungachemile futhi akumele nangaphansi kwanoma yisiphi isimo kuphucwe ilungelo lokuvota umvoti onelungelo lokuvota; futhi
  - (n) uhlelo nenqubo yokuvota kuvulelekile ezingqaphelini zokhetho eziqokwe ngokusemthethweni ngabazali;
- (3) Isikhulu esengamele uKhetho esiKoleni singakha elinye isu uma lingekho ibhokisi lamavoti elisemthethweni. Ibhokisi lokufaka amavoti kumele livalwe ngemva kokuthi abaqaphi sebeqinisekisile ukuthi alinalutho.

### Ikhoramu Yokhetho Yosuku Lonke

23. (1) Isikhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele sinqume isikhathi sokuqala nesokuvala kokuvota futhi kumele sazise abazali ngalezo zikhathi.



- (2) IsiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele siqinisekise ukuthi amaphepha okuvota okuvotiwe kuwona alingana namaphesenti ayishumi nanhlanu-(15) ekhoramu adingekayo ukuze kuqalwe ukubalwa kwamavoti.
- (3) Uma ukhetho lungawahlanganisanga amaphesenti ayishumi nanhlanu-(15) ekhoramu adingekayo ukubalwa kwamaphepha okuvota akumele kuqale. Uma kunjalo kumele uthishanhloko wesikole anqume olunye usuku lokhetho oluyothatha usuku lonke futhi lolo suku kumele lwaziswe umgwamanda wabazali zingakapheli izinsuku eziyisikhombisa (7) kusuka osukwini lokuvota oluthathe usuku lonke.
- (4) Iziphakamiso ezibhalwe phansi ezamukelwa ngaphambi kokuchithwa kwalolo khetho losuku lonke zizofakwa nazo zihlanganiswe nanoma yiziphi ezinye ezintsha ezibhaliwe eziyokwamukelwa ngesikhathi kuhlelwa kabusha olunye usuku lokuvota oluyothatha usuku lonke.
- (5) Ukhetho olulandelayo oluyothatha usuku lonke kumele lubanjwe ezinsukwini eziyishumi nane-(14) kusukela ngosuku okuhlehliswe ngalo ukhetho.
- (6) Ngosuku lokhetho lwesibili, kumele ukubalwa kwamaphepha okuvota kuqhubeke emva kokuvalwa kokuvota noma ngabe ikhoramu ihlangene noma ayihlangananga.

### Ukubalwa Kwamaphepha Okuvota

24. (1) Uma isiteshi sokuvota sihlanganise amaphesenti ayishumi nanhlanu-(15) noma uma kuwusuku lokhetho lwesibili oluthathe usuku lonke, kumele isiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni siqinisekise ukuthi –
  - (a) ukubalwa kwamavoti kuvulekile nasezingqaphelini nakulabo abebengenele ukhetho;
  - (b) konke ukungavumelani mayelana nokubalwa kwamavoti kubhalwa phansi ngendlela efanele;
  - (c) igama lalowo nalowo obengenele ukhetho kanye nenani lamavoti awatholile kumenyenzelwa kakhulu ukuze kuzwe izingqapheli;
  - (d) ifomu elibhalwe izibalo zamaphepha okuvota liyagcwaliswa; futhi
  - (e) nepheshana lemiphumela lisayiniwe.
- (2) IsiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele silinqabe iphepha lokuvota –
  - (a) elingenaso isitembu sesikole noma uphawu oluhlonza isikole;
  - (b) elineziphambano (x) eziningi eziqoshiwe ezingaphezu kwezikhala ezisesigungwini esilawula isikole;
  - (c) elinegama lomuntu kumbe abantu abangaphakanyisiwe; noma
  - (d) eligcwaliswe ngendlela engacacisi kahle ukuthi kuvotelwa bani ophakanyisiwe kumbe obani abaphakanyisiwe
- (3) Uma isibalo samavoti abantu abaphakanyisiwe ababili noma ngaphezulu elingana futhi sithikameza imiphumela yokhetho, isiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni siyoqinisekisa, ngokucosha iphepha noma ngokuphonsa uhlamvu lwemali, bese kunqunywa ukuthi ubani onqobayo ngokuthi uhlamvu lwemali luwele ngakuluphi uhlangothi. Lokhu kuxazululwa kokubambana kumele kwenziwe ngokusobala nangesivumelwano salabo abangenele ukhetho.
- (4) Uma isiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni sesinqabe iphepha lokuvota njengoba kushiwo ebinzeni (2), isiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele sichazele bonke abangenele ukhetho abakhona futhi kumele sibanike ithuba lokuhlola iphepha lokuvota elinqatshiwe uma befisa.

- (5) Noma yimuphi ongenele ukhetho angasiphikisa isinqumo sesiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni sokubalwa kwamavoti noma sokunqaba iphepha lokuvota, yize kunjalo, isiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni esiyothatha isinqumo esiwujuqu.
- (6) Imininingwane emaqondana nalokho kuphikisa kumele ibhalwe ngemuva kwephepha lokuvota okuphikiswana ngalo futhi kuvele nasembikweni emaqondana nokhetho oyobhalwa yisiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni.
- (7) Uma kwenzeka kuba nokungeneliseki ngokuthi iSikhulu esengamele uKhetho esiKoleni siyehluleka ukuxazulula okuthile, kumele kulandelwe inqubo yokuxazulula ukushayisana kwemibono okuchazwe ebinzeni 30.
- (8) Isikhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele sazise abangenele ukhetho kanye nezingqapheli imiphumela futhi simemezele labo abathole amavoti amaningi abaqokelwe ukuba amalungu esigungu esilawula isikole futhi sazise ngokusemthethweni ngendlela efanele labo abadle umhlanganiso.
- (9) Wonke amaphepha aphathelene nokhetho kumele isiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni siwabhale ngokucacile futhi kumele sibhale usuku lokhetho kanye nakho konke okuqokelwe kulawo maphepha futhi lawo maphepha kumele agcinwe ephephile esikoleni okungenenani kuze kuphele ihlandla lokusebenza kwaleso sigungu esilawula isikole.

#### **Iziphakamiso Zokhetho Oluyobanjwa Usuku Lonke Ngaphansi Kwemigomo ye-Covid-19**

25. (1) Uma isikole sinikwe imvume yiNhloko yoMnyango yokubamba ukhetho usuku lonke ngaphansi kwemigomo ye-Covid-19, lolu hlelo lokuphakanyiswa kwamagama olulandelayo kumele lulandelwe –
  - (a) uthishanhloko kumele abhale isaziso esikhombisa ukuqala nokuphela kwesikhathi sokuphakanyiswa kwamagama kanye neminingwane ephathelene nokuphakanyiswa kwamagama kuhlanganisa kodwa kungagcini nje ngamafomu okwenza iziphakamiso kanye nesidingo sokuhlizekwa kweminingwane kanye nezithombe ezilingana nezamaphasiphothi kwabo bonke abangenele ukhetho;
  - (b) isaziso sesikhathi sokuphakanyiswa kwamagama abazali kumele sithunyelwe futhi sikhangiswe ezindaweni ezigqamile esikoleni nasemphakathini okungenani kusasele izinsuku ezingamashumi amabili nanye-(21) ngaphambi kosuku lokhetho;
  - (c) uthishanhloko kumele akhiphe izaziso zesikhathi sokuphakanyiswa kwamagama kanye namaformu okumele agcwaliswe ngokugcwele umuntu ophakanyisiwe, omphakamisile kanye noweseka leso siphakamiso;
  - (d) ifomu lokuphakamisa amagama kumele ligcwaliswe libuyiselwe esikoleni kusasele izinsuku eziyishumi nane-(14) ngaphambi komhlangano wokhetho neminingwane kanye nezithombe (uma kungekho ukuphikisana ngokulethwa kwezithombe) zalabo abazongenela ukhetho;
  - (e) uthishanhloko wesikole kumele agcine irejista layo yonke imibhalo yeziphakamiso etholakele futhi kumele ibhalwe usuku nesikhathi okufike ngaso;
  - (f) okunye okuyinqubo okudingekayo okusele okusebenza emhlanganweni wokuphakanyiswa kwamagama oyobanjwa usuku lonke njengoba kubekwe ebinzeni 20 ngasenhla kuyosebenza ngendlela edingekayo uma kukhethwa abazongenela ukhetho ngaphansi kwemigomo ye-Covid-19;

- (g) ukucutshungulwa kweziphakamiso kumele kwenziwe yisiKhulu esengamele uKhethe esiKoleni kanye nethimba lokhethe bese kuthi owenza isiphakamiso, owesekayo noma ophakanyiswayo angaqapha lolo hlelo.

### Ukulungela Ukhetho Ngaphansi Kwemigomo ye-Covid-19

26. (1) Uma sekuthathwe isinqumo sokuqhubeka nokuvota ngesikhathi kunobhubhane lwe-Covid-19 uthishanhloko wesikole kumele aqinisekise ukuthi –
- (a) isisebenzi sezempilo sasemtholampilo wendawo esisebenzisana nesikole siba khona usuku lonke esiteshini sokuvota ngasinye;
  - (b) ngakho konke okusemandleni akhuthaze abazali babafundi abayizisebenzi zezempilo ukuthi balekelele futhi beseke isikole ngokhethe;
  - (c) abazali abasiza isikole bayaziswa ukuthi bayoba nelungelo lokuvota njengabo bonke abanye abazali.
- (2) Ukhetho lwesigungu esilawula isikole luyokweseka imithethonqubo ye-Covid-19 ngokuqinisekisa ukuthi –
- (a) isibalo sabantu abavumelekile ngokwezinga lomvalelakhaya (lockdown) elisebenzayo ngesikhathi sokhethe esivumelekile esiteshini sokuvota futhi kuyosebenza imithetho elawula imihlangano ngokwezinga lomvalelakhaya (lockdown) elisebenzayo;
  - (b) ithimba lokhethe akumele libe nabantu abangaphezu kwabahlanu futhi ithimba aliyona ingxenye yesibalo sabantu abavunyelwe ngokwezinga lomvalelakhaya (lockdown) elisebenzayo elishiwo ebinzaneni 2(a) ngenhla;
  - (c) ithimba lokhethe kudingeka ukuthi ligqoke iziMpahla zokuziVikela okumele kube yimaskhi, ivayza kanye namagilavu;
  - (d) yonke impahla edingekayo okhethweni kumele ifuthwe ngesibulala magciwane ekuseni ngosuku okuyobanjwa ngalo ukhethe ngaphambi kokuthi kufike abavoti;
  - (e) kunomuntu ome lapho kungenwa esiteshini sokuvota ohlola izinga lokushisa emzimbeni (temperature) lawo wonke umuntu ongena endaweni yokuvota kuhlenganisa nethimba lokhethe;
  - (f) kumele kunqunywe ibanga lokuqhelelana futhi ngaso sonke isikhathi wonke umuntu kumele aqhele ngemitha noma ngamamitha amabili kumuntu amlandelayo;
  - (g) kumele kube nemithi yokuhlaza izandla-(*hand sanitizer*) lapho kungenwa khona esiteshini sokuvota kanye nomuntu ohlodayo ozoqinisekisa ukuthi wonke umuntu uyayisebenzisa le mithi yokuhlaza izindla
  - (h) akekho umuntu oyongena engayigqokile imaskhi nanoma yini yokuzemboza eqinisekisa ukuthi ikhala nomlomo kumboziwe ukunciphisa ukubhehetheka kwegciwane le-Covid-19;
  - (i) igunjana okuvotelwa kulo kumele lifuthwe ngesibulala magciwane-ngemva kokuthi umuntu elisebenzisele ukuvota;
  - (j) umhlangano wokhethe ngaphandle kokubala amavoti akumele udlule isikhathi esinqunyiwe sokubamba imihlangano ngokwemithetho esebenza emihlanganweni ngokwezinga lomvalelakhaya (lockdown) elisebenzayo;
  - (k) umvoti kuphela oyovunyelwa endaweni yokuvota futhi kumele acelwe ukuthi aphume emva kokuthi esevotile;
  - (l) noma yimuphi umuntu ongahloniphi lemigomo ye-Covid-19 lapho kungenwa khona akumele avunyelwe ukuthi angene endaweni yokuvota futhi uma kunomuntu ongayihloniphi imigomo esendaweni yokuvota, lowo muntu kumele acelwe ukuthi aphume endaweni yokuvota;
  - (m) yize kufakwe imigomo ebalulwe emabanzaneni 2(a) kuya ku (l), imigomo esebenza ezingeni lomvalelakhaya (lockdown) elisebenzayo nayo iyosebenza.

- (3) Imisebenzi yesiKhulu esengamele uKhetho esiFundazweni mayelana nokulandela imigomo ye-Covid-19 phakathi kokunye –
- (a) ukuqinisekisa ukuthi imigomo ye-Covid-19 efanele yenziwa ingxenye yohlelo lokhetho futhi ifakwa kuzo zonke izaziso ezilawula ukubanjwa kokhetho;
  - (b) ukuqinisekisa ukuthi isiKhulu esengamele uKhetho esiFundeni ngasinye siqeqeshiwe ngemithethonqubo ye-Covid-19;
  - (c) ukuthumela imithethonqubo ye-Covid-19 esiKhulwini soKhetho sesiFunda;
  - (d) ukuqinisekisa ukuthi ngaphambi kokhetho zonke izifunda zilethelwa iziMpahla zokuziVikela ezizidingayo;
  - (e) ukuqinisekisa ukuthi zonke iziNsiza zokuQapha zesiFundazwe ezidingekayo ngokhetho ziyahambisana nemigomo ye-Covid-19;
  - (f) ukuthi iziKhulu zoKhetho zeziFunda zinesibopho sokuphendula ngokuhluleka ukulandela imigomo ye-Covid-19.
- (4) Imisebenzi yesiKhulu soKhetho sesiFunda mayelana nokulandela imigomo ye-Covid-19 phakathi kokunye –
- (a) ukuqinisekisa ukuthi iziKhulu ezengamele uKhetho eziKoleni ziqeqeshiwe ngemithethonqubo ye-Covid-19;
  - (b) ukuthumela imithethonqubo ye-Covid-19 kuzo zonke izikole ezisesiFundeni saso;
  - (c) ukuqinisekisa ukuthi ngaphambi kokhetho zonke izifunda zilethelwa iziMpahla zokuziVikela ezizidingayo;
  - (d) ukuqinisekisa ukuthi iziKhulu ezengamele uKhetho eziKoleni zinesibopho sokuphendula ngokuhluleka ukulandela imigomo ye-Covid-19;
  - (e) ukuqinisekisa ukuthi ezinsukwini eziyisikhombisa ngaphambi kokhetho, izikole zigcwalisa futhi ziletha amafomu adingekayo eHhovisi leSekethe isikole esingaphansi kwayo akhombisa ukuthi isikole sesizilungiselele maqondana nemigomo ye-Covid-19 okumele ilandelwe;
  - (f) ukuqinisekisa ukuthi noma yisiphi isikole esingalandeli imigomo ye-Covid-19 sinikezwa isaziso esisivimbelayo ukuthi siqhubeke nokhetho kuze kube senza okufanele ukuhambisana nemigomo ye-Covid-19;
  - (g) senze uhlu lwazo zonke izikole ezingakulungele ukubamba ukhetho bese sithumela lolo luhlu esiKhulwini soKhetho sesiFundazwe;
  - (h) sithathe zonke izinyathelo ezifanele ukusiza izikole ukuthi zilandele imigomo ye-Covid-19.
- (5) Imisebenzi yesiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni mayelana nokulandela imigomo ye-Covid-19 phakathi kokunye –
- (a) ukucela isikole esinesibopho sokubamba ukhetho kuso, ukuthi silethe kusasele izinsuku eziyishumi nane(14) ngaphambi kosuku lokhetho ubufakazi bokuthi siyilandele yonke imigomo ye-Covid-19 futhi sikulungele ukuqhubeka nokhetho;
  - (b) ukuqinisekisa ukuthi ithimba loKhetho lesiKole liqeqeshiwe ngemithethonqubo ye-Covid-19;
  - (c) ukuqinisekisa ukuthi ithimba loKhetho lesiKole linolwazi ngemigomo ye-Covid-19;
  - (d) ukuqinisekisa ukuthi ithimba loKhetho lesiKole lineziMpahla zokuziVikela elizidingayo zokuqhuba ukhetho;
  - (e) ukuqinisekisa ukuthi wonke amalungu anesibopho sokuphendula ngokungalandeli imigomo ye-Covid-19;
  - (f) ukubhala umbiko ngokuthi indawo okuzovotelwa kuyona ikulungele yini ukubamba ukhetho bese siwuthumela kumdidiyeli woKhetho wesiFunda kusasele izinsuku eziyishumi nane(14) ngaphambi kokhetho; futhi
  - (g) ukuzijwayeza yonke imithethonqubo ye-Covid-19;
  - (h) siqinisekise ukuthi uthishanhloko wesikole ubuza imibuzo efanele ezinsukwini eziyisikhombisa (7) ngaphambi kokhetho ukuqinisekisa ukuthi bonke abazongenela ukhetho bafanelekile;
  - (i) ukuqinisekisa ukuthi imvume ebhalwe phansi itholakele kubo bonke abaphakanyisiwe ngokwe-POPIA

- ukuze kukhangiswe imininingwane yabo nezithombe zabo endaweni egqamile lapho kuvotelwa khona;
- (j) ukuqinisekisa ukuthi yonke imigomo yokuqhelelana kwabantu iyagcinwa ngaso sonke isikhathi;
  - (k) ukuqinisekisa ukuthi isibalo sabantu abavunyelwe kuphela ngokwezinga lomvalelakhaya elisebenzayo ngesikhathi sokhetho;
  - (l) ukuqinisekisa ukuthi kunezikhulu zokhetho ezingeqile kwezinhlanu noma yingasiphi isikhathi endaweni okuvotelwa kuyona;
  - (m) ukuqinisekisa ukuthi bonke abavoti bayaphuma endaweni okuvotelwa kuyona ngemva kokuthi sebevotile nokuthi abangenele ukhetho kuphela abasalayo ngesikhathi kubalwa amavoti;
  - (n) ukuqinisekisa ukuthi ngaphambi kokuthi kubalwe kunekhoramu edingekayo ngokwalesi saziso. Uma ikhoramu ingahlangani isikhulu sokhetho sesikole siyocela uthishanhloko ukuthi ahlele olunye usuku lokuvota.

### Impahla Yokuzivikela Edingekayo Esiteshini Sokuvota Ngasinye

27. (1) Isiteshi sokuvota ngasinye kumele sibe nale mpahla yokuzivikela –

- (a) okungenani umshini ohlola izinga lokushisa emzimbeni (thermometer) owodwa osebenzayo;
- (b) umuthi wokuhlaza izandla (*hand sanitizer*);
- (c) insipho ewuketshezi;
- (d) amagilavu okuzivikela kwi-Covid-19;
- (e) amanzi agelezayo ampompi noma ethangi;
- (f) okungenani amamaskhi asetshenziswa alahlwe ayizipele angamashumi amahlani(50);
- (g) ithawula eliyiphepha;
- (h) imigqomo eseduze nesendaweni ebonakalayo egunjini okuvotelwa kulo;
- (i) ikhophi yeMithethonqubo ye-Covid-19 ebekwe lapho bonke abavoti bezoyibona khona endaweni okuvotelwa kuyona;
- (j) kuhlinzekelwe ukuthi ukhetho luqhubekwe noma ngabe kuhamba ugesi.

### UKUVOTA KUSETSHENZISWA UBUXHAKAXHAKA BEZOBUCHWEPHESHE

28. (1) Ukhetho Olwenziwa Ngobuxhakaxhaka Bezobuchwepheshe

- (1) Uthishanhloko kumele afake isicelo sokubamba ukhetho olwenziwa ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe eNhlokweni yoMnyango.
- (2) Kumele kuthunyelwe isicelo eNhlokweni yoMnyango kufakwe nemibhalo ewubufakazi neyeseke isicelo ngokugcwele.
- (3) Isicelo siyocutshungulwa yiNhloko yoMnyango kuphela uma igculisekile ukuthi -
  - (a) kwenziwe ucwaningo lwesikole futhi iningi labavoti abasohlwini lwabavoti livumelana nohlelo lokuvota ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe;
  - (b) zonke izikole zinengqalasisinda yokusiza abazali abangakwazi ukuba yingxenywe yohlelo lokuvota ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe;
  - (c) kwenziwe inhlinzeko yokusiza abazali abadinga usizo ngohlelo;
  - (d) akukho mzali isikole esimncisha ithuba lokuvota ngokukhetha ukuvotisa ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe;

- (e) ithimba lokhetho lesikole liyakwazi ukuvotisa ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe;
- (f) nokuthi isikole sisebenzisa uhlelo oluzocina ngokuphephile yonke imininingwane uma umuntu eqeda ukuvota.

**(2) Ukuvota Kusetshenziswa Ubuxhakaxhaka Bezobuchwepheshe – Okuyodingeka Uma Kuvotwa**

- (1) Ukuphakanyiswa kwamalungu kumele kwenzekwe ngokuhambisana nenqubo ebekwe kulesi saziso ephathelene nokhetho oluyobanjwa usuku lonke.
- (2) Isikhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele sisungule isiteshi sokuvota ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe lapho kuyovotwa khona ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe.
- (3) Ukuvota ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe nokuvota ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe ukude kumele kwenziwe ngosuku, ngesikhathi nasendaweni eyonqunywa yisikhulu esengamele uKhetho esiKoleni.
- (4) Uthishanhloko kumele okungenani kusasele izinsuku eziyishumi nane (14) ngaphambi kosuku lokhetho lobuchwepheshe –
  - (a) azise abavoti, ngolimi oluzwakalayo nolucacile, ngendlela ukhetho oluzoqhutshwa ngayo, kanye nanoma yiziphi izinyathelo umvoti angazithatha ukuze abambe iqhaza futhi avote;
  - (b) ahlinzeke ngohlu olusemthethweni lwe software ezosetshenziswa okhethweni lobuchwepheshe. Kufanele okungenani aqagule isoftware ezosetshenziswa noma ayichaze kafushane.
- (5) Ukuvota ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe ukude ngeke kuqale ngaphambi kwesikhathi sokuvula kwesiteshi sokuvota ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe esikoleni. Ukuvota ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe ukude ngeke kuqhubekwe ngemva kokuphela kwesikhathi sokuvota esiteshini sokuvota ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe esikoleni.
- (6) Ngaphambi kokuqala kokuvota esiteshini sokuvota ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe, isikhulu esengamele uKhetho esiKoleni siyozigculisa ukuthi uhlelo lokuvota ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe lusebenza ngendlela efanele nokuthi ezokuphepha ezishiwo kulesi saziso zimi ngomumo.
- (7) Enkundleni yokuvota ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe ngayinye, izinhlelo zokwesekwa nosizo ngenqubo yokuvota, kuyohlelelwa abavoti futhi kutholakale kubavoti. Uma kuvotwa ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe ukude, lezo zinhlelo ziyotholakala nangenye inkundla ehlukile edumile yezokuxhumana.
- (8) Isikhulu esengamele uKhetho esiKoleni siyoqinisekisa ukuthi –
  - (a) i-*software* efanele kanye nezinsiza kungasetshenziswa yiyo bonke abavoti;
  - (b) abavoti bahlinzekwa, uma kunesidingo noma uma kungenzeka, ngezinye izinsiza, njengezinye izindlela zokuxhumana noma ngokuhlinzekwa ngosizo oluqondene ngqo nomuntu ngamunye.
- (9) Kumele kube nokulingana ngendlela okubekwa ngayo izindlela ezahlukene zokuvota kulowo mshini osetshenziselwa ukuvota ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe.

- (10) Uhlu lwabaphakanyisiwe kumele okungenani luveze –
- igama lophakanyisiwe;
  - ibanga ingane yophakanyisiwe ekulona;
  - umsebenzi owenziwa ophakanyisiwe, nesipiliyoni anaso namakhono anawo;
  - umbono wesikole, futhi kumele lutholakale bese lethulwa ngokulingana kuzo zonke izinhlelo zokuvota ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe futhi luvuleleke kuwonkewonke ngezinye izindlela ngaphambi kosuku lokuvota ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe.
- (11) Isikhulu esengamele uKhethe esiKoleni kumele siqinisekise ukuthi uhlelo lokuvota ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe lunephepha lokuvota oluyilonalona elizosetshenziswa umvoti. Uma evota ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe ekude, umvoti uyokwaziswa ngendlela eqinisekisa ukuxhumana neseva esemthethweni nokuthi iphepha lokuvota oluyilonalona selethuliwe.

**(3) Imicikilisho Edingekayo Yohlelo Lokuvota Ngobuxhakaxhaka Bezobuchwepheshe**

- Ukuze kuqinisekiswa ukhethe lwentandoyeningi, izinhlelo zokuvota ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe kumele kube lula kubavoti ukuzisebenzisa nokuziqonda.
- Uhlelo lokuvota ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe kumele luqinisekise ukufaneleka komvoti ngaphambi kokuthi avote.
- Uhlelo lokuvota ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe luyiqinisekisa umvoti futhi luyiqinisekisa ukuthi umvoti uvota kangaki nokuthi lawo mavoti agcinwa ebhokisini lamavoti.
- Uhlelo lokuvota ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe kumele luqinisekise ukuthi okukhethwe umvoti kuyikho nokuthi ivoti elivaliwe lingena ebhokisi lokuvota.
- Uhlelo lokuvota ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe luyiqinisekisa ukutholakala nobuqotho bamavoti. Luyogcina nobumfihlo bamavoti liwagcine evaliwe kuze kube yisikhathi sokubala.
- Emva kokuphela kwesikhathi sokuvota, akekho umvoti oyovunyelwa ukungena ohlelweni lokuvota ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe.
- Uhlelo lokuvota ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe luezindlela zokugcina ukusebenza kwalo ngezikhathi kuvotwa ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe.
- Isikhulu esengamele uKhethe esiKoleni siyoqoka okungenani umuntu oyedwa, onobungoti, oyokwazi ukungena engqalasizindeneni equkethe uhlelo neminingwane yokhethe. Imicikilisho yemisebenzi esemqoka iyokwenziwa yilowo muntu. Lowo muntu uyoqinisekisa ngakho konke okusemandleni ukuthi leyo misebenzi yenziwa ngemva kwesikhathi sokhethe.
- Uhlelo lokubala –
  - luyobala amavoti ngendlela efanele futhi ukubalwa kwamavoti kungafanekiswa;
  - luyiqinisekisa ukutholakala nobuqotho bebhokisi lamavoti kanye nemiphumela yohlelo lokubala isikhathi esilingana nesokuba sesikhundleni kwesigungu esilawula isikole;
  - luyohlinzeka indlela yokuthi kuphinde kuhlolwe futhi kuqinisekiwe ukusebenza ngendlela efanele kohlelo lokuvota ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe, neyokuqinisekisa ubuqiniso bemiphumela, eyokwazi ukubona ukukhwananisa, ukuthi umvoti oyedwa uvote kaningi nokuqinisa ukuthi wonke amavoti abaliwe okuyiwonawona nokuthi wonke amavoti abaliwe;

(d) luyohlinzeka indlela yokuqinisekisa ukuthi ukhetho olwenziwa ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe luhambe ngendlela ehlinzekwe ngokusemthethweni, inhloso kube kuwukuqinisekisa ukuthi imiphumela ikhombisa isithombe samavoti okuyiwonawona.

(10) Kuyocatshangiswa kahle, uma kusungulwa izinhlelo ezintsha uma ziqhathaniswa nezikhona, kuhlanganisa nalezo ezisebenzisa ubuchwepheshe obakhelwe ukusiza abantu abaphila nokukhubazeka.

### **Ukusebenza Kwalesi Saziso**

29. Ngaphandle uma kuhlinzekelwe ngenye indlela kulesi saziso konke okunye okuhlinzekelwe kulesi saziso okuphathelene nomhlangano wokhetho wezigungu ezilawula izikole kuyosebenza ezikoleni ezinquma ukuba nokhetho oluyobanjwa usuku lonke.

### **Ukuxazululwa Kokungaboni Ngaso Linye**

30. (1) IsiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni siyothatha isinqumo ngazo zonke izindaba eziphathelene nokuphakanyiswa kwamagama nokhetho kuzo zonke izigaba.

(2) Konke ukungaboni ngaso linye okuphathelene nohlelo lokhetho kumele kubikwe esiKhulwini esengamele Khetho esiKoleni.

(3) IsiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni siyozama ukuxazulula konke ukungaboni ngaso linye ngendlela enokungenzeleli nenobulungiswa. Isinqumo saso siyoba ujuqu.

(4) Umvoti noma umuntu obengenele ukhetho lwesigungu esilawula isikole ongagculisekile ngesinqumo sesiKhulu esengamele uKhetho esiKoleni angafaka isikhalo ngokubhalwe phansi esiKhulwini soKhetho sesiFunda ezinsukwini eziyisikhombisa (7) ngemva komhlangano wokhetho uma kunezinsolo zokuthi inqubo enqunyiwe ayilandelwanga ngokhetho.

(5) (a) Uma umvoti noma umuntu obengenele ukhetho lwesigungu esilawula isikole enolwazi mayelana nanoma yimuphi umkhonyovu ophathelene nokhetho ezinsukwini eziyisikhombisa (7) ngemva kokhetho, angazisa isiKhulu esengamele uKhetho esiFundeni ngokubhalwe phansi.

(b) Uma kulethwe isikhalo, nganoma yisiphi isizathu, sekudlule izinsuku eziyisikhombisa (7) kodwa zingakapheli izinsuku ezingamashumi ayisishiyagalolunye-(90) kubanjwe ukhetho, isiKhulu esengamele uKhetho esiFundeni kumele siphanye ngaleso sikhalo bese sithatha izinyathelo ezifanele.

(c) Noma yisiphi isikhalo esifike sekudlule isikhathi esiyizinsuku ezingamashumi ayisishiyagalolunye-(90) siyophenywa futhi sicutshungulwe uMqondisi wesiFunda uma eyalelwe yiNhloko yoMnyango ukuthi enze njalo.

(6) Uma sithola isikhalo noma ulwazi oluphathelene nomkhonyovu, isiKhulu esengamele uKhetho esiFundeni kumele siqoke isekela noma umsizi wesiKhulu esengamele uKhetho esiFundeni ukuthi enze uphenyo ezinsukwini eziyishumi nane (14) bese enza izincomo.

(7) IsiKhulu esengamele uKhetho esiFundeni, ngemva kophenyo singamemezela ukuthi ukhetho aluhambanga ngendlela esemthethweni singabe sesinquma ukuthi ukhetho lubanjwe kabusha uma sigculisekile ukuthi –

(a) inqubo ebeyibekiwe ayilandelwanga;

(b) kube nomkhonyovu ngesikhathi sokhetho;



- (c) umphumela wokhetho ubuzohluka ukube akubanga namkhonyovu noma ukube kulandelwe inqubo ebeyinqunyiwe.
- (8) Uma noma yimuphi umvoti noma lowo obengenele ukhetho lwesigungu esilawula isikole engagculisekile ngesinqumo sesiKhulu esengamele uKhetho esiFundeni, angadlulisela isikhalo mayelana naleso sinqumo eNhlokweni yoMnyango ezinsukwini eziyishumi nane (14) ethole lesi sinqumo esiKhulwini soKhetho esiFundeni.
- (9) INhloko yoMnyango kumele –
- ezinsukwini eziyisikhombisa (7) ithole isikhalo esidluliselwe kuyona, idlulisele lesi sikhalo esiKhulwini soKhetho sesiFundazwe;
  - icele isiKhulu soKhetho sesiFundazwe ukuthi siphanye futhi sibhale umbiko onezincomo ezinsukwini eziyishumi nane (14) lesi sikhalo esidluliselwe esiKhulwini soKhetho sesiFundazwe; futhi
  - sicubungule izincomo ezisembikweni oshiwo ebinzaneni (9)(b), sithathe isinqumo bese sazisa umuntu ofake isikhalo nesiKhulu soKhetho sesiFunda ngesinqumo saso ezinsukwini eziyishumi nane (14) sithole umbiko esiKhulwini esengamele uKhetho esiFundazweni.
- (10) Isinqumo seNhloko yoMnyango siyoba ujuqu.

### Inqubo Ngemva KoKhetho

#### 31. (1) Ngemva kokukhethwa kwamalungu esigungu esilawula isikole, uthishanhloko kumele

- ezinsukwini eziyisikhombisa kubanjwe umhlangano wokhetho, azise ngokubhalwe phansi, ilungu ngalinye eliqokiwe ngokuqokwa kwalo futhi lesi saziso kumele sithunyelwe ngesikhahlamezi (fax) ngeposi, nge-imeyli noma sihanjiswa ngesandla;
  - sazise isiKhulu soKhetho sesiFundazwe ngefomu elinqunyiwe ngokubhalwe phansi imininingwane yokhetho, kuhlanganisa nosuku lokhetho, amagama, izinombolo zomazisi, izinombolo zocingo, izinombolo zezikhahlamezi kanye namakheli awo wonke amalungu aqokiwe. Imvume yokuthumela leyo mininingwane kuwo wonke amalungu aqokiwe kumele itholakale ngaphambi kokuthi ithunyelwe;
  - afake yonke imibhalo kuhlanganisa namaphepha okuvota asetshenziswe kulolo khetho ezimvilophini bese evala lezo zimvilophi;
  - aqinisekise ukuthi yonke imibhalo ephathelene nokhetho igcinwa iyimfihlo endaweni ephethile okungenani kuze kuphele isikhathi sokuba sesikhundleni sesigungu esilawula isikole;
  - athumele kuMqondisi wesiFunda amakhophi emibhalo yokhetho ukuze awagcine kuze kuphele isikhathi sokuba sesikhundleni sesigungu esilawula isikole;
  - athumele kuMqondisi wesiFunda isimemezelo sokhetho esingaphikiswanga noma esichaza kabanzi ngokungaboni ngaso linye eFomini lokuMemezela uKhetho elinqunyiwe; futhi
  - azise uMqondisi wesiFunda nganoma yiziphi izinguquko ezimayelana nobulungu esigungwini esilawula isikole ezinsukwini eziyishumi nane (14) kwenziwe lezo zinguquko ukuqinisekisa ukuthi isizindalwazi (database) sinemininingwane okuyiyonayona.
- (2) (a) Uthishanhloko kanye noMqondisi wesiFunda bayoqinisekisa ukuthi yonke imininingwane yabantu equkethwe emibhalweni yokhetho nakweminye imibhalo ephathelene namalungu esigungu esilawula isikole igcinwe iphephile futhi iyimfihlo ukuze kuvikelwe imininingwane yabantu equkethwe kuleyo mibhalo.
- (b) Isizindalwazi semininingwane kumele sigcinwe lesi sikhathi ilungu liseyngxenywe yesigungu esilawula isikole futhi akumele sisetshenziselwe okunye ngaphandle kwemvume yalabo bantu.
- (c) Yonke imininingwane kumele igcinwe emakhabetheni akhiywayo.

**Ukhetho Lokuchibiyela**

32. (1) Isikhala esigungwini esilawula isikole sivela uma ilungu –

- (a) lisula ngokubhalwe phansi;
- (b) lidlula emhlabeni;
- (c) lingasafanelekile njengoba kushiwo ebinzeni 5;
- (d) liphutha emihlanganweni emibili noma ngaphezulu elandelanayo yesigungu esilawula isikole ngaphandle kokuxolisa ngokubhalwe phansi, kuncike ekutheni isimemo somhlangano sasithunyelwe ngendlela yini efanele kulelo lungu;
- (e) lisuswa esikhundleni ngokuhambisana nomgomo wokuziphatha oqukethwe ebinzeni 18A;
- (f) lingasangenzi ngaphansi kwesigaba samalungu elaliwamele ngesikhathi sokhetho.

(2) Isikhala kumele simenyazelwe uma isibalo sabafundi abathathiwe senyuke ngamaphesenti ayishumi noma ngaphezulu njengoba kushiwo ebinzeni 2(4)(a).

(3) Ukhetho lokuchibiyela kumele lubanjwe noma yinini uma –

- (a) isibalo samalungu angabazali esigungu esilawula isikole sincishiswa siba ngesilingana noma esingaphansi kwesibalo esihlanganisiwe samalungu esigungu esilawula isikole;
- (b) isibalo samalungu esigungu esilawula isikole sincishiswa siba ngaphansi kwesibalo sekhoramu eshiwo ebinzeni 13(1); noma
- (c) ilungu elisesigabeni samalungu esigungwini esilawula isikole esishiwo ebinzeni 24 lingasamelekile esigungwini esilawula isikole.

(4) Isikhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele sibambe ukhetho lokuchibiyela ezinsukwini ezingamashumi ayisishiyagalolunye-(90) kuvele isikhala.

(5) Uma isibalo sabazali noma yingasiphi isikhathi singaphansi kwesibalo esihlanganisiwe samanye amalungu anelungelo lokuvota, isigungu esilawula isikole, kusalindwe ukhetho lokuchibiyela, singangeza okwesikhashana amalungu angabazali.

(6) Uma kuvela isikhala ezinyangeni eziyisithupha ngaphambi kokuphela kwesikhathi sokuba sesikhundleni kwesigungu esilawula isikole, isikhulu esengamele uKhetho esiKoleni kumele sibambe ukhetho lokuchibiyela silandela inqubo ebekwe ebinzeni 11.

(7) Uma kuvela isikhala sekusele izinsuku ezingamashumi ayisishiyagalolunye (90) ngaphambi kokuphela kwesikhathi sokuba sesikhundleni kwesigungu esilawula isikole ngenxa yokuphuma kwelungu eliwumzali esigungwini esilawula isikole, amalungu asele esigungu esilawula isikole kumele engeze umuntu ukugcwalisa isikhala okwesikhashana leso esisasalele isigungu esilawula isikole.

(8) Ilungu elengeziwe elimele abazali elishiwo ebinzaneni (7) ngenhla lithatha amalungelo okuvota elungu eliphumile.

(9) Ilungu eliqokwe ngokwale ndima liba sesikhundleni isikhathi esisele sokuba sesikhundleni sophume esikhundleni kuncike ekutheni lisafanelekile yini.

**Isigungu Esilawula Izikole Ezimbili Noma Ngaphezulu**

33. (1) iLungu Lesigungu Esiphezulu linganquma ukuthi ukulawulwa kwezikole zikahulumeni kumele kube sezandleni zesigungu esilawula isikole esisodwa uma lokho kulungele ukufunda esikoleni esithintekayo.
- (2) iLungu Lesigungu Esiphezulu ngeke lenze okushiwo ebinzaneni (1) ngenhla ngaphandle uma –
- selikhiphe isaziso kwiGazethi yesiFundazwe ngenhloso yalo yokwenze njalo;
  - selinike izinhlangothi ezinentshisekelo ithuba lokwenza izethulo ezibhalwe phansi esikhathini esingangaphansi kwezinsuku ezingamashumi amathathu (30); futhi
  - selicubungule zonke iziphakamiso.

**Ukungafaneleki Nokukhishwa Esikhundleni kweLungu lesiGungu esiLawula Isikole**

34. (1) Ilungu lesigungu esilawula isikole, ngemva kokulandela inqubo efanele elitholakale linecala lokungaziphathi ngendlela efanele njengoba kushiwo eMgomweni wokuziPhatha wesiFundazwe wamalungu ezigungu ezilawula izikole ngokwebinza 18A kumele lithathwe njengelingasafanekile noma likhishwe esigungwini esilawula isikole.
- (2) Ukuze kufinyelelwe esinqumweni sokuthi ilungu alisafanekile noma likhishwe esikhundleni kumele kulandelwe inqubo efanele eshiwo ebinzaneni (1) ngenhla.

**Ukuhlakazwa KwesiGungu esiLawula Isikole**

35. (1) iLungu Lesigungu Esiphezulu lingahlakaza isigungu esilawula isikole uma –
- isikole singasebenzi ngendlela, sivaliwe, singahlelekile, sinobungozi ngokwezempilo noma singabeka engcupheni ukuphepha kwanoma yimuphi umuntu okuleso sikole;
  - kuhlanganiswa, kuvalwa, kuhlukaniswa isikole nanoma yikuphi okunye ukuhlelwa kabusha kwesikole;
  - ngemva kokucubungula konke okubekiwe libona ukuthi isigungu esilawula isikole asisamele umphakathi isikole esisungulelwe wona; noma
  - ngenxa yokungalawulwa ngendlela efanele, isikole singasebenzi ngendlela futhi nokufunda nokufundisa kungeke kusaqhubeka kuleso sikole.
- (2) Uma selicubungule isiphakamiso sokuthi isigungu sihlakazwe esesekwe amalungu angengaphansi kwamaphesenti ayishumi nanhlano-(15%) abazali abasohlwini lwabavoti emhlanganweni ojwayelekile wabazali, iLungu Lesigungu Esiphezulu lingahlakaza isigungu esilawula isikole.
- (3) iLungu Lesigungu Esiphezulu lingahlakaza isigungu esilawula isikole esihluleke ukuqinisekisa ukuthi isikole siyalawuleka, sisebenza ngendlela efanele, noma ngenxa yanoma yisiphi isizathu esisibona sifanele sicabangela ezemfundo esiFundazweni.
- (4) iLungu Lesigungu Esiphezulu ngeke lihlakaze isigungu esilawula isikole ngaphandle uma –
- selazise isigungu esilawula isikole esithintekayo ngenhloso yalo yokusihlakaza;
  - selinike isigungu esilawula isikole ithuba lokubeka izizathu zokuthi kungani kungamele ukuthi sihlakazwe; futhi
  - sesicubungulisise lezo zizathu.

**Ukunikezelwa Kwamandla**

36. INhloko yoMnyango inganikezela, ngokubhalwe phansi, imisebenzi kanye namandla enikezwe wona ngokwalesi saziso kunoma yisiphi isisebenzi esiqashwe uMnyango.

**Ukuchithwa Kwesaziso**

37. Lapha kuchithwa iSaziso sesiFundazwe No. 118 esashicilelwa kwiGazethi yesiFundazwe saKwaZulu-Natal No. 1895 mhla ziyi-9 kuLwezi ngonyaka wezi-2017.

**KWAZIKWENKOSI I MSHENGU**

**iLungu Lesigungu Esiphezulu Elengamele Ezemfundo eSifundazweni saKwaZulu-Natali**

## UHLELO A

**UKUBUNJWA KWESIGUNGU ESILAWULA IZIKOLE ZIKAHULUMENI ZABAFUNDI ABANEZIDINGO  
EZIKHETHEKILE NGOHLOBO LWESIKOLE NESIBALO SABAFUNDI ABATHATHIWE**

Isibalo samalungu aqokiwe akumele sibe ngaphezu kwamalungu amahlanu. Lokhu kuyonqunywa yisikole kuncike esimweni saleso sikole.

UHLOBO LWESIKOLE	ISIBALO SABAFUNDI ABATHATHIWE ESIKOLENI	UTHISHA-NHLOKO	ISIBALO SAMALUNGU ANGOTHISHA	ISIBALO SAMALUNGU ANGABAFUNDI	ISIBALO SABA-SEBENZI ABANGEBONA OTHISHA	ISIBALO SAMALUNGU ANGABAZALI	AMALUNGU AQOKWE NGOKWE-SIGABA ESIKHONA NGASINYE NJENGOBA KUBEKWE ESIGABENI 24	ISIBALO SAMALUNGU ESEHLANGENE
Isikole Samabanga Aphansi	Kusuka ku-1 kuya ku-149	1	2	0	1	5	5	14
Isikole Samabanga Aphansi	Kusuka e-150 kuya a phezulu	1	3	0	1	6	5	16
Isikole Samabanga Aphezulu	Kusuka ku-1 kuya ku e-149	1	2	1	1	6	5	16
Isikole Samabanga Aphezulu	Kusuka e-150 kuya a phezulu	1	3	2	1	8	5	20
Isikole esiyinhlanganisela yamabanga	Kusuka ku-1 kuya e-149	1	2	2	1	7	5	18
Isikole esiyinhlanganisela yamabanga	Kusuka e-150 na ngaphezulu	1	3	2	1	8	5	20